

NJENGOKHOZI LUHLAKAZA



Asibe silokhu simile umzuzwana nje senzele umkhuleko.

² Yonke lemihlngano edlule, njalo nje iyangithola. Ngandlela thize, uma sitholana futhi sifunde ukujwayelana, ngani, futhi nje siqale ukuhlnganyela, bese-ke kuba yisikhathi sokuya kwenye indawo. Kuhlala njalo kunginika umuzwa odabukisayo omncane. Kodwa ngibuka phambili, ngibeheke usuku lapho sonke siyophinde sihlngane futhi, futhi siyoba sendaweni, mhlampe, uma uJesu efika ngaphambi kokuba sihlngane emhlabeni futhi, lapho singasophinde, phinde sehlukane futhi.

³ Angazi ukuthi bangaki abangathanda ukukhunjulwa kuNkulunkulu, kulentambama, njengoba siphakamisa izandla zethu ngomkhuleko na? INkosi inibusise.

Singakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje.

⁴ Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamazulu nomhlaba, noMqalisi wokuPhila okuphakade, noMnikezeli wezipho zonke ezinhle, siza emathunzini esihawu saKho, ngomkhuleko, ngeGama likaJesu, iNdodana yaKho, ukunikela kuWe ukubonga kwethu ngalomhlngano omkhulu waseTulsa, ngalokho obeyikho kithi, indawo enhliziyweni yethu ukuthi asisoze sakhohlwa ngalababantu abanomoya omuhle. Nokho, uMoya waKho oNgcwele kubo, nalokho inhlnganyelo ebizikho: ukuthinta okuncane kwaseZulwini ezimpilweni zethu, isehlakalo esingasoze sasikhohlwa. Siyakhuleka, Baba, ukuthi uMoya waKho njalo uyohlala ukulababantu. Kwangathi, kusukela emsukeni walombuthano omncane, ibangele imvuselelo ukuba ibhobokele kuwo onke amabandla ezweni lonke. Kwangathi izibonakaliso ezinkulu nezimanga zingafezwa. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzosipha lezizinto.

⁵ Okubekwe lapha kulelideski, kulentambama, ngamaduku neziqephu ezincane zezimpahla okuya kwabagulayo nabahluphekile. Nkulunkulu uSomandla, ngikhuleka kuWe, eGameni likaJesu, ukuthi noma ubani othinta lawa, ogulayo, kwangathi bangaphiliswa; akusiwo umkhuleko okungowami kuphela, Baba, kodwa umkhuleko waleliholo elikhulu eligcwele amaKristu, kulentambama. Silinikela nganhliziyonye, ngalabo abadingayo.

⁶ Nkosi, sikhulekela ukuthi Uzosibusisa ekuzejwayezeni okuqhubekayo kwalolusuku. Sikhulekela amabandla, kulobubusuku. Kwangathi kungaba yinkazimulo nje nenjabulo engakhulumekiyo kuwo onke amabandla. Siphe ukuthulula okukhulu koBukhona baKho, kulentambama. Kwangathi uMoya oNgcwele ungeza ungene eZwini, futhi kwangathi

iZwi lingaba senyameni yethu futhi lihlale lapha nathi kulentambama. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

⁷ Kulowo nalowomfundisi, kuzo zonke izisebenzi, umphathi, nakubangenisi, nabo bonke; ngesingami namatilosi ami: uMfowethu David, uMfowethu Roy, uBilly Paul, uLoyce, uMfowethu Fred Sothmann, uMfowethu Jim Maguire, uMfowethu Gene, noLeo, sonke sifuna ukunibonga ngomusa wenu, nalokho enibe yikho kithi kulomhlangano. Nibe nomoya omuhle kakhulu ngempela. Izinhlonipho ezinje pho nothando esikubuthela ezinhliziyweni zethu, ngani, akusoze kwacinywa. Akusuki. Futhi sethemba ukuthi uNkulunkulu uzonipha okwedlulele, okuninginingi ngaphezu kwakho konke ngisho ebeningakucabanga noma nikucele. Kwangathi uNkulunkulu anganipha khona emseni weNdodana yaKhe ocele ukwedlula konke, uJesu Kristu.

⁸ UMfowethu Tommy Osborn, ulapha emhlanganweni. INkosi uNkulunkulu ibe noMfowethu Tommy. UMfowethu Oral uqale kulentambama, futhi ngicabanga ukuthi ubhinyike umsipha noma okuthize, waxega, emlenzeni wakhe; futhi kothi nje kungaphela inkonzo, ngibe sendleleni ngiyomkhulekela. Futhi manje kusonke isitafu sika Roberts nesitafu sikaMfowethu Tommy, nasemabandleni nabo bonke: uNkulunkulu abe nani, ngumkhuleko wami. Niyo—niyohlala njalo nisenhliziyweni yami, ngalesisikhathi. Futhi kwangathi iTulsa ingama njalo, kwangathi umsebenzi kaNkulunkulu ungahlala njalo kuyo, ngumkhuleko wethu. Futhi sethemba ukuphinde sibuye ngesinye isikhathi sibe nani.

⁹ Futhi uma singake size sibe wusizo kini, noma ngayiphi indlela! Ngangivamise ukwenza lenkulumo-mbiko: ubusuku abubimnyama kakhulu neze, noma imvula ayini neze kanzima kakhulu, kodwa lokho esingakwenza noma yini okusemandleni ethu ukwenza impilo ithi ukuthokomala kakhudlwana futhi ibusiseke kini. Uma singaba yinoma yiluphi usizo kini, saziseni nje. Sibizeni nje eJeffersonville, eIndiana, BUtler 2-1519, noma nje ungibize eJeffersonville. Singanithumela indwangu yomkhuleko, sinikhulekele, noma yini nje esingayenza. Siyizinceku zenu eNkosini.

¹⁰ Ngakho kuthi ukuba kubi ukufika ekupheleni kwenkonzo enjengalena, uma beninesikhathi esimnandi kangaka, kodwa ngesinye isikhathi sifanele sihambe, empeleni.

¹¹ Ngazi lokhu, ukuthi nje ngaphesheya koMfula, suku lumbe lapho ukuphila sekwedlule konke, futhi ngihlale etafuleni elikhulu, liyokwendlalwa ezibhakabhakeni, iSidlo sakusihlwa soMshado, bese sibukana ngale kwetafula omunye nomunye, siyozikhumbula lezizikhathi eOakland. Akungabazeki, unyembezi oluncane lungahle luciphize lwehle ngesihlathi

sethu, ngenjabulo, neNkosi, kubo bonke ubuhle baYo, iyophuma, yembethe ingubo yaYo emhlophe ethandekayo, izesule zonke izinyembezi emehlweni ethu, bese ithi, “Ningabe nisakhala. Sekwedlule konke manje. Ngenani ezintokozweni zeNkosi ezilungiselelwe nina selokhu kwasekelwa umhlaba.” Yilelohora engiliphilelayo.

¹² Ngibuka phansi ngale kubefundisi bami engibambisene nabo lapha, futhi ngibona abaningi babo badala kunami. Mhlawumbe phandle lapha emgwaqeni, benesiginci nesigujana itamborini, ukuphendla indlela, begandaya ngamatshe futhi benza bushelelezi izindawo ezimahhadlahhadla, ukuthi lenkonzo iNkosi engiphe yona, ihambe-ke bushelelezi yehla ngomgwaqo.

¹³ Bazalwane bami abaligugu, ngizizwa ngimncane, ukuba ngime lapha nani niphansi lapho. Kunjalo. Kukhona ukuhlonishwa okunikezwayo, kuya kini. Kwangathi uNkulunkulu anganibusisa njalo kakhulu. Lolosuku lapho umuzo ukhishwa, ngethemba ukuba ngime ngibekhona lapho nginibona nithweswa umqhele eNkazimulweni yaKhe.

¹⁴ Emizuzwaneni embalwa edlule, bengixoxa nomfundisi emuva lapho. Igama lakhe nguMfowethu Nathan, wathi. Usebenza phakathi kwamaJuda. Futhi wathi, “Mfowethu Branham, ubusuku bokuqala, ngenkathi ulapha...” Yena nomkakhe. Wayegula. Wayesethi, “Wabiza, emhlanganweni, futhi wangitshela ukuthi ngangingubani, futhi nangomkami nokugula kwakhe.” Wathi, “Ubelulama, kusukela lapho, nje uphila kahle.” Nezincwadi eziningi kakhulu ezinhle nezimfakazo!

¹⁵ Manje, mhlawumbe awulitholanga iduku lakho phakathi lapha. Uma singakusiza, noma ngayiphi indlela, sikuthumele indwangu encane, manje, kuzoba nefomu encane. Sinohlu lomkhuleko oluya emhlabeni jikelele. Abantu bayasukuma, ngawo onke amahora ebusuku, futhi bagcine loluhlu lomkhuleko. Njalo esikhathini soMumo waseMpumalanga, sikhuleka ngelesishiyagalolunye nqo ekuseni, ngeleshumi nambili nqo, nangelesithathu nqo. Lokho ngamahora omnikele eTestamente lamaJuda elidala. Futhi sikhuleka lokho. Nabantu umhlaba jikelele bayasukuma ngezikhathi ezehlukene, eketangweni elikhulu lomkhuleko, ukuthi sonke sikhuleka ndawonye, omunye nomunye. Ngakho ngineqiniso ukuthi uNkulunkulu uzowuzwa umkhuleko. Izinto ezimangalisa kangaka ezingenayo, Azenzile. Futhi sifuna ukunifaka ohlwini lomkhuleko wethu, ukuba ukhuleke kanye nathi ngalawomahora.

¹⁶ Futhi manje, akungabazeki, kodwa masinya impela, ngizoba phesheya kwezilwandle futhi, iNkosi ithanda.

17 Sinqwabela izimali ezincane lapha. Futhi kambe, iNkosi ingivumele ngisho lokho ukuze ngikwazi ukukhumbula. Bathathe iminikelo emibili yokothando, ngiyakholwa, benzela mina. Niyazi ukuthi ngikuthokozela kanjani lokho. Manje, akukho nelilodwa isenti eliyohamba liqondane nami. Uya esisekelweni sebandla kwenzelwa umsebenzi wobuthunywa benkolo phesheya kwezilwandle. Niyabo? Futhi sizokwenza konke okusemandleni esingakwenza, ukubona ukuthi leyomali iya kubantu abangenakulizwa iVangeli, bengakwazi ukuza. Futhi sizokwenza konke okusemandleni. UNkulunkulu anibusise njalo kakhulu, ngumkhuleko wami oqotho.

18 Futhi manje, uma nifuna enye yalezizindwangu zomkhuleko, ngibhaleleni nje. Futhi nje Post Office Box 325, noma nje Jeffersonville, eIndiana, izoza kimi. Futhi uma ufuna ukuyigcina eBhayibhelini lakho, ifake eZenzweni 19. Nabantu abaningi kakhulu ungitshelile.

19 Elinye inenekazi lathi, ngiyakholwa, indodana yalo yayigaywe yimoto, futhi yayophela ukufa, ekulinyazweni yingilazi, futhi ngakho lagijima ngokukhulu ukushesha futhi lathola leribhini. Lalise...lihlala emaphandleni. Lase libeka iribhini encane phezu komfana, negazi lanqamuka masinya. Nezinto eziningi kanjalo.

20 Owesifazane eJalimane, ekhubazekile. Kuyakutshela ukuthi yenzani; nibuthane komakhelwane benu abangamaKristu, uma lezizindwangu zibekwa phezu kwenu, ngenhla kwenhliziyo yakho. Wayesethi, emva kokuba yonke into seyenziwe ngendlela ebiyiyo nje...Wayekade ekhubazekile iminyaka eminingana. Wayesethi, esekugwalisile lokho, wathi, "Sathane, manje awusenandawo yanoma yini enye. Phuma kimi." Wasukuma esihlalweni wayesephuma ehamba.

21 Lokho kulula kanjalo nje. Niyabo? Ngakho uma niyifisa eyodwa, ayibizi mali, ayinantengo. Thumela nje, futhi sizoyithumela ngqo kuwe, eposini. Manje, nizothola i-ishidi elandiswe ngomshini ngokuthi kwenziwa kanjani. Kodwa, khumbulani, ngikhulekile, qobo lwami, ngesingami, phezu kwe—phezu kwendwangu ozothonyelelwa yona. Uma ingane yami ibigula, umkami, noma ubaba wami nomama, futhi benginokwethembela emkhulekweni womunye umuntu, bengingefune kube ngumkhuleko kanobhala. Bengiyofuna bakukhulekele phezu kwayo. "Futhi wenze kwabanye njengoba ubungathanda abanye benze kuwe," umgomo wokwenza njengoba ufisa kwenziwe kuwe. Kanjalo, thina, sizojabula ngempela ukukusiza noma ngayiphi indlela esingayenza. UNkulunkulu anibusise njalo manje.

22 Futhi zonke izinto ezenziwe zenziwe kamnandi kabi nangokuthandeka, futhi nje sikuthokozela kakhulu impela.

²³ Manje, uma ngiphesheya kwezilwandle, kul'khuni njalo. Ngoba, abathakathikazi nabathakathi, abesabi ukukuhlasela. Lapha maduze nje, endaweni ethize, kwakukhona cishe abathakathikazi abayishumi nanhlanu ohlangothini ngalunye, bephosa isiphoso ngaphesheya, futhi bathi bazobiza isichotho futhi sizongiphephula. Futhi, uyakukholwa noma qha, isichotho safika. Cishe abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, nendawo izamazama ngamakhulu amandla.

²⁴ UMfowethu Arganbright, woSomaBhizinisi abangamaKristu, nina bazalwane niyamazi. Wayehlezi emva kwami. Wathi, "Mfowethu Branham."

²⁵ Ngathi, "Hlala uthule nje. UMoya oNgcwele ungithumele lapha." Yingalesosizathu ngingayi-ndawo ngaphandle uma Engithumela kuqala, khona-ke ngiyazi ukuthi ngingeza ngeGama leNkosi. Niyabo? Ngathi, "Ungithumele lapha."

²⁶ Babenendawo enkulukazi eyakhiwe, lapho nje zingamatubayi-fo, noseyili uqhaselwe phezu kwalo. Naleyondawo yayibhakuza nje phansi naphezulu. Khona impela e...ciske ngelesibili nqo ntambama. Ngokucace nje bha, nalesosichotho sakhuphuka emizuzwini engamashumi amathathu. Futhi ngama nje ngqi. Ngathi. "Awudingi ukuba ukhumushe lokhu." Ngizwa lawomandla amabi evela ngakolunye uhlangothi. Nabo behlezi lapho, bephendula izandla zabo nophaphe olunqunyiwe, nesikelo. Niyazi ukuthi benza kanjani.

²⁷ Ngathi, "Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, NguWe ongithumele lapha. Unesibopho senkonzo engiyiphathele Wena. Ngiyasikhuza lesosichotho, eGameni leNkosi uJesu."

²⁸ Savele nje sehlukana sabuyela emuva ngqo. Ukuduma kwahlokoma kwasuka, nelanga lalikhanya, ngaphansi kwemizuzu emibili, kwehla ngqo. Nezinkulungwane zaphuthuma ealtare, nabacabangi bobukhomanisi nayo yonke into. Kanjani...

²⁹ Ngeke ngama lapha futhi nginixoxele ngezimfazako, ngoba emhlanganweni wami uqobo. Bekungangcono uma abanye bekwenza. Kodwa, isigcinamabhuku, ngingathi bekungabakhona umqingo webhuku, bekungaba nezincwadi eziningi kakhulu ezibhaliwe, engibone iNkosi uJesu ikwenza enkonzweni yami uqobo encane. Nicabanga ukuthi bekungaba njani emadodeni anjalo njengoMfowethu Tommy Osborn, uMfowethu Oral Roberts na? Kukhulu. INkosi yethu inkulu. Impela inkulu.

³⁰ Manje ngifuna ukufunda omunye umBhalo, kulentambama. Ngingezindawo ezimbalwa ezibhalwe phansi lapha, uma ngifika kuwo. Futhi ke si...Ngikholwa ukuthi indodana yami

ingitshelile ukuthi inikezele ngamanye amakhadi omkhuleko, futhi sizokhulekela abagulayo.

³¹ Uma ngingaphindi nginelamele nonke futhi, uma ngingasoze nginibone kulokhu ukuphila; uma sengihlangana nani kuleloSango, ngaphambi kokuba singene ukuba sime phambi kukaKristu, imibono evela kuNkulunkulu iqinisile futhi ingeyangempela. INgelosi yeNkosi, naleyoNsika yoMlilo nokuKhanya, kanjalo ngisize, uNkulunkulu uSomandla, uMahluleli wami, Ilapho. Iqinisile. Ya. Ukuze nizokwazi ukuthi I—Iqinisile. UNkulunkulu uqinisile. Angebe namanga futhi abe nguNkulunkulu. U fal- . . . Angebe amanga, ngoba UFanele abe ngowangempela. Uma noma yini ingamanga, inguSathane. Kodwa lokho kuKhanya, ngiKubonile, ngaKubuka. Futhi kimi. . . Ngisizeni ningithethelele uma ngiziphathisa ngokuthi ngingcolisa okungwele, kodwa, kimi, yiNsika yoMlilo efanayo eyalandela abantwana bakwaIsrayeli.

³² Ngoba, Yayakhe kuMuntu othiwa nguJesu, owayeyiNdodana kaNkulunkulu, nokuphila Akuphilayo kuyavezwa futhi namhlanje ngento efanayo. Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu. Ngiya kuNkulunkulu.” Sonke siyakwazi lokho. “Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu.” Wathi, “Ngingo NGUYE.” Leyo kwakuyiNsika yoMlilo. Leyo kwakuyiNgelosi eyayisesihlahleni. Yenziwa inyama yakha phakathi kwethu; yabuyela emuva. Futhi Iyisimo esifanayo namhlanje. Benikwazi lokho na?

³³ Awu, Wena uthi, “UJesu wa. . .” Awu, ngi—ngikhuluma ngoNkulunkulu, owayekuJesu.

³⁴ Ngenkathi uPawulu esendleleni yakhe ebheke eDamaseku, ukuKhanya kwamshaya kwamhlala phansi, iNsika yoMlilo. Akukho namunye wabo owaYibonayo, kodwa uPawulu waYibona. Yayinkulu kakhulu ngangokuthi Yamphuphuthekisa. Wayesethi, “Ungubani, Nkosi na?”

³⁵ Wathi, “NginguJesu.” Wayesebuyele kuNkulunkulu, lapho Avela khona.

³⁶ Kimi, InguYe futhi namuhla, eqedela imisebenzi yaKhe kithi, iBanda, ngezinsuku zokugcina.

³⁷ Asiphenye kuDutoronomi 32:11, okwesendlelelo esincane sendikimba. Futhi sizozama ukuba sibe nomuqga womkhuleko, bese siphuma phakathi kwehora, uma konokwenzeka. [Udade unikeza isiprofetho—Umhl.]

³⁸ O Baba Nkulunkulu, ngikwemukela ngokuzithoba kanjani enhliziyweni yami. Qondisa izinyawo zami, bamba isandla sami, Nkosi. Kwangathi ngingebe neze yisikhubekiso kunoma ngubani, kodwa kwangathi ngingaba yitshe lokunyathela kuwona wonke umhambi ohamba phansi. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi ngingenze lutho neze empilweni yami eyobeka ithunzi eGameni laKho, noma emgomweni waKho. Futhi

ngizokwenza konke engingakwenza ukuba ngikhonze Wena. NgiyaKubonga ngalokhu, eGameni leNdodana yaKho, uJesu Kristu, iNkosi yami. Amen.

³⁹ Lokho kuyithobisa kanjani inhliziyo yami! UDutoronomi 32:11, “Njenge. . .” [Udade unikeza isiprofetho—Umhl.] Amen. [Omunye udade unikeza isiprofetho.] Amen. Alibusiswe iGama leNkosi. [Omunye udade unikeza isiprofetho.] Siyibonga kakhulu iNkosi, ukuba ibe noMoya waYo usebenza phakathi kwethu, phakathi nathi!

Njengokhozi luhlakaza isidleke salo, lubhakuza phezu kwamazinyane alo, lwenabise amaphiko alo, luwathathe, luwathwale emaphikweni alo;

⁴⁰ Lokho akusikhona ukufundwa komBhalo okukhulu kangako, kodwa YiZwi leNkosi. Kwenele lapho ukuthi, mhlawumbe, uNkulunkulu uzosinika ingqikithi kulokhu, emizuzwini engamashumi amabili elandelayo noma amashumi amathathu, ezobangela abantu ukuba baphaphame nokuthi bacabange ngeNkosi uJesu.

⁴¹ Niyazi, ngesinye isikhathi, ngafunda indaba, eminyakeni embalwa edlule, e*Mpilweni ka-Abraham Lincoln*. Kwakukhona indoda ejele, futhi yayiphansi kokubekwa icala kukazwelonke, futhi yayizodutshulwa. Nomngani wayo olungileyo waya kuMongameli, uAbraham Lincoln, indoda engumKristu oyisimangaliso. Futhi wathi, “Mnu. Lincoln, ngiyazi ukuthi uyindoda elungileyo, ukuthi ungumKristu. Futhi phansi kwalokhu ukubekwa icala kukazwelonke, ukuthi lendoda yeqe umthetho wenkambiso yombutho. Ingumngani wami. Ibingaqondile ukwenza lokho. Inecala lokukwenza. Ibingaqondile ukukwenza. Ungesize yini. . .Nguwe kuphela indoda engasindisa impilo yayo. Ungeyisindise impilo yayo na?” Nobumnene bukaMnu. Lincoln bacosha usiba lwakhe wayesebhala enqumisa esiqeshini sephepha, ngoba wayengekho edeskini lakhe ngalesosikhathi, ukuba enze isitembu esisemthethweni. Futhi ngakho wabhala wanqumisa kuso, “Ngiyayixolela lendoda,” wayesesayina igama lakhe, “Abraham Lincoln.”

⁴² Umngani oligugu walendoda wagijima ngelikhulu ijubane, eya ejele, wayesethi, “O, mngani wami, usukhululekile. Usukhululekile. Nanti igama likamongameli kulesisiqephu sephepha. Uyaxolelwa.”

⁴³ Nendoda yathi, “Ungangibhuqi, ngokuba sengikulungele manje ukufa, ngoba ngigwetshelwe ukufa. Futhi lapha wena uzongibhuqa ngalesisiqephu sephepha. Uma lesisiqephu sephepha besiyisixolelo sika-Abraham Lincoln, besizohlotshiswa sonke ngezimpawu kanjalonjalo.”

44 Wathi, “Mnumzane, leli yigama likaMongameli. Uyaxolelwa.” Nendoda yafulathelisa ikhanda layo kuso futhi ayangasilalela.

45 Ngokusa okulandelayo, emini, indoda yadutshulwa phambi kwesikwadi esidubulayo. Manje, nasi isixolelo sivela kuMongameli, esithi, “Ningayibulali indoda,” sisayinwe ngoluny’suku. Ngosuku olulandelayo, indoda yadutshulwa.

46 Lase lithethwa-ke icala phambi kwezinkantolo zikazwelonke. Futhi ngenkathi inkantolo, iNkantolo kaZwelonke yaseUnited States of America yalithetha icala, futhi nasi okwaba yisinqumo senkantolo. “Isixolelo asisiso isixolelo ngaphandle uma semukelwa njengesixolelo.”

47 Futhi yileyondelela iZwi likaNkulunkulu eliyiyo. Lingukuphiliswa kuwe, uma uLemukela njengokuphiliswa. Liyisixolelo kuwe, uma uLemukela njengesixolelo. Sonke isibusiso esiphakathi *Lapha* singesakho uma uLemukela ngendlela uNkulunkulu aLilobe ngayo.

Njengokhozi luhlakaza isidleke salo, lubhakuza phezu kwamazinyane alo, luwathwale emaphikweni alo, bese luwathwala.

48 Kukangaki ngicabanga ngokuthi uNkulunkulu walifanisa nani ifa laKhe, nezinkozi! Futhi ngithola ukuthi, eBhayibheli, ukuthi uNkulunkulu uzibiza Yena ngokhozi. UnguJehova khozi. Futhi Wayengakwenza kanjani lokho na?

49 Ngakho, ngingusomvelo. Ngakho ngi. . .IBhayibheli lami lokuqala kwakuyimvelo. Uma nje uzobhekisisa indlela imvelo esebenza ngayo, ungamthola uNkulunkulu. Nomaphi la ubuka khona, uzobona uNkulunkulu, uma uthola uNkulunkulu enhliziyweni bese uyibhekisisa. Manje, uma bekhuluma ngokuphinduzalwe komunye umzimba nezinto, lobo ngubulima; ngeke kwenzeka.

50 Sithola ukuthi isithombo siyafa, singene emhlabathini; imbewu ibole, ibuye iphile. Ngukuvuka. Nabo bonke ubuKristu besekeleke phezu kokuvuka. Futhi singabona ukuthi lokho kuqinisele; ukufa, ukumbelwa, ukuvuka; amahlobo, ubusika. Yonke imvelo ihlangana thaqa phakathi.

51 IBhayibheli lami lokuqala, kwakungukubhekisisa ukuthi lezozihlahla zazifa kanjani, ukuthi amahlumela abuye akhuphuke kanjani; ukuthi umoya uphephetha kanjani phezu kwaso, sibuye sibuye futhi; ukuthi imbali encane yayifa kanjani, iphile futhi. Nazo zonke lezozinto ezehlukene, kwangenza ngazi ukuthi kwakukhona amandla okuvuka ndawo ndawo.

52 Manje, isihlahla sinokuphila okunganqamukiyo. Thina sinokuPhila okungafiyo. Isihlahla siyofika ekupheleni kwaso kokugcina. Thina ngeze safika; sinokuPhila okungafiyo.

53 Manje, ngiqala ukutadisha ukhozi ngenkathi ngifunda lokhu. Kuthiwani pho ngokhozi na? Ngithola ukuthi ukhozi luyinyoni eyinqaba kabi. Lungandiza luphakame lwedlule noma yiyiphi enye inyoni ekhona. Luyinyoni eyakhiwe ngokukhethekileyo. Lwakha isidleke salo emadwaleni, phezulu kude le. Luyinyoni eyinqaba kabi. Nenye into, izimpaphe zalo ziqine nqi ngangokuthi ungeke, kal'khuni, ungeke wazidoncula ngodlawu. Lungenkulu, inyoni enkulukazi, enye yezinkulu kakhulu kwekhona. Futhi luyinyoni eyinqaba kabi. Kodwa lwakhiwe ngokukhethekileyo ngoba lunomsebenzi okhethekileyo ukuba luwenze.

54 Igama *ukhozi* lisho ukuthi “okuklebhula ngomlomo.” Futhi kupha ngomlomo. Into enhle kakhulu yeZwi likaNkulunkulu, upha ngomlomo nomlomo, uNkulunkulu epha abantwana baKhe.

55 Bese-ke lwakha isidleke salo phezulu, futhi lunakho lokho ngenhloso, nakho konke. Manje, uma...Ukhozi lwalunamaphiko amakhulu anamandla. Lokho okokukhulula.

56 Enye into ukhozi oluyenzayo, exakile, liyabuhlumelelisa ubusha balo. Ukhozi, emva kwesikhathi eside kakhulu, luyajikeleza nje bese lubuyela ngqo okhozini oluseluncane futhi, luzibuyisele emuva ngqo. Luhlumelelisa ubusha balo.

57 Lowo ngomunye umfanekiso weBandla, wabantu bakaNkulunkulu. Sizokwehlisa konke bese sithi ukuphupha, bese kuthi, khona manjalo, uMoya oNgewele uyafika bese usihlumelelisa futhi. UNkulunkulu, ehlumelelisa isehlakalo nobusha beBandla laKhe, ebanika isehlakalo esisha. Lolo wuhlobo lokhozi.

58 Eminyakeni ethize eyedlula, ngangivame ukugibela kaninginingi, ipulazi lezinkomo, futhi sasisenhla eMfuleni iTroublesome eColorado. Inhlango yezinkomo amaHereford idlisa kulawomadlelo aseArapaho lapho, kanjalonjalo, nangasenhla ngokuzungeza ezintabeni. Futhi sasivame ukwenyusela izinkomo lapho. Bese kuthi-ke, ekwindla konyaka, sasibuye siphume sizifunisise futhi, sizibeke eHlathini iNational. Bese-ke siphakamisa ifolishi lethu ezansi ekugcineni, ukuba siziphakele, ubusika bonke.

59 Futhi ngangiphumela lapho njalo ngonyaka, ukuba ngiyozingela. Ngiyakwenza, namanje. Nomngani wami, sasibuya, emva kokuba bonke abantu abavela emadolobheni sebehlele lapho futhi badubula ngakhona, izinyamazane ezingamasikazi, namazinyane ezinyamazane, namankomazi asemancane, nezinkunzi ezihlakazekile zezinyamazane ama elki okusezansi ngaphansi. Ngani, sihamba njalo emuva le, phezulu, lapho ongeke ungene khona, bese sikhempa ngaphandle emuva lapho. Uthatha impumalanga, impumalanga noma impambuko

yasentshonalanga, eyodwa, bese mina ngithatha eyodwa. Sasithatha izinsuku eziningana ngaphambi kokuba sihlangele.

⁶⁰ Angisoze ngakhohlwa, ngomunye unyaka, lalingakhithikanga iqhwa, kwakulapha ku Oktoba ngenkathi kungena inkathi yonyaka.

⁶¹ Futhi uma kukhithika phezulu ezintabeni. . . Ngani, ngo-Oktoba, kuyofika i—intambama enhle ngempela, mhlawumbe, kwelinye ihora liyobe likhithika. Liyobe selina-ke lime, bese-ke kuvela ilanga, uguquko nje esimweni sezulu. Kodwa manje-ke, uma kufika iqhwa, lixosha inyamazane ielki nezinyamazane amadiye, lezo ezinkulu ezihlala phezulu, kude nomsindo wempucuko, lizixoshela ezansi ziyongena ezigidini. Yilapho ngokwejwayelekile othola khona umklomelo.

⁶² Lonyaka, amaqhwa abe engakafiki okwamanje, futhi ngangiphezulu le. Futhi ngangishiye ihhashi lami amamayela amaningana ngemuva, ngase ngilibopha ngqi, ukuze libe nenqwaba yendawo; ifolishi elithize, ukuze likwazi ukudla. Futhi ngangihambe yonke indlela ngasolayinini wemithi yamapulangwe, phezulu phakathi lapho, ngibuka.

⁶³ Ngaleyontambama nakho kufika isichotho sishanela siqamula izintaba, noku—nokuduma kwezulu, nombani ubaneka. Futhi ngangiyi emva kwesihlahla. Futhi ngama ngaqhiyama emva kwesihlahla saze sedlula isichotho, sehla emthini wamapulangwe. Kwakukade kukhona ukuphephulela phansi lapho. Futhi ngangimi emva komuthi wamapulangwe, ngilindle kuze kwedlule isichotho; ngimi lapho, ngicabanga. Futhi ngangencikise isibhamu sami nje e—esihlahleni. Kwase kuthi-ke lapho i—sichotho sesedlule. . . Ngangicabanga ngoNkulunkulu, ukuthi Wayemangalisa kanjani.

⁶⁴ Futhi ngenkathi kusaqhubeka isichotho, kwangena umoya obandayo, futhi wenza amanzi amaningi aba yiqeqeba lamakhaza ezihlahleni ezingawohloki amaqabunga, njengemijubuluka yeqhwa ilanga. Kwase kuthi-ke ngenkathi sekuvela ilanga, emuva ngaleya, entshonalanga, ngangilibona nje ilanga lilunguza emfantwini wentaba, futhi libukeka njengeso likaNkulunkulu.

⁶⁵ Niyazi, uNkulunkulu usezindaweni zonke. UngaMbona nje, nomaphi, uma ungaMcinga nje. Ulapho. Ufanele uMbone. Uzoba lapha. Ulapha njengamanje. Uma nje uzoqalaza, uzoMbona.

⁶⁶ Kwase kuthi-ke ngenkathi ngimi lapho, ngabuka lokho—lokho kushona kwelanga. Ngase ngiphakamisa izandla zami, ngase ngithi, “O Jehova Nkulunkulu omkhulu, amehlo aKho aya emuva naphambili, emhlabeni.”

⁶⁷ Kwathi nje ngaleyonkathi ngezwa ukukhonya okusacilongo kuvela e—enkunzini yenyamazane ielki. Yehlukana nomhlambi, esichothweni futhi yayenza lokho kunswininiza okuhlaba ngempela komsindo onjalo. Ngezwa umhlambi uyiphendula,

ngapha kwenye indawo. Futhi phezulu le eceleni kwentaba, impisi endala empunga iqala ukuklewula; umata waphendula, ezansi phansi ekugcineni. Ngaqalaza, ngaphesheya kwesigodi, kwenye intaba, ngaphesheya kwenhlukano, kwakukhona uthingo lwenkosikazi. Awu, ndawo zonke nje engangibuka kuzo, kwakukhona uNkulunkulu.

⁶⁸ Umama wami uyiNdiya uhhafu. Uphuma ezabelweni, neNdiya eliyiCherokee. Nomama wakhe wayehola impesheni. Ukuphenduka kwami akuzange kukukhiphe lokho kimi. Kukhona okuthize mayelana namahlathi nokuvakashela ngaphandle engikuthandayo.

⁶⁹ Ngayizwa lempisi endala iklewula, nomata eyiphendula. Izinyembezi ziqala ukwehla ezihlathini zami. Ngayizwa leyonkunzi endala yenyamazane ielki impongoloza phezulu lapho, ngomhlambi wayo. Yaphendula. Ngabuka uthingo lwenkosikazi. Ngathi, “Ya. Nango uNkulunkulu, futhi.” UnguAlfa no-Omega. Uyimibala, isivumelwano, othingweni lwenkosikazi. UNkulunkulu usezindaweni zonke, uma nje uzoMqalaza.

⁷⁰ Ngajabula kakhulu! Ngavele nje ngaphakamisa izandla zami, nezinyembezi zehla ezihlathini zami. Ngagijima ngizungeza, ngizungeza ngizungeza lesosihlahla. Ngangesikhathi sami nje esikhulu, futhi kungekho-umuntu emamayeleni angamashumi amathathu ami; nje ngigxuma phansi naphezulu, futhi ngimpompoloza ngalo lonke iphimbo lami. Qiniso, ukuba kwakukade kukhona omunye umuntu engibuka, babeyocabanga ukuthi omunye umuntu ophuma esikhungweni sezinhlanya wayephandle lapho. Kodwa ngangingenandaba. Ngangesikhathi esimnandi. Ngangikhonza iNkosi, uNkulunkulu wami. Akwenzanga mehluko kimi ukuthi omunye umuntu wayecabangani. Futhi nje ngangesikhathi esimnandi, nje ngizungeza, ngizungeza ngizungeza lesosihlahla. Ngangibuye ngime, ngilalele leyompisi, futhi ngilalele lokho. Ngibuye ngimpompoloze futhi, ngizungeze, ngizungeze isihlahla ngibuye ngihambe futhi.

⁷¹ Nga—ngaxhuxhunywisa yinto ethize. Futhi kwakukhona ingwejeje encane yasezihlahleni zephayini. Angazi noma niyazi ukuthi ziyini lapha eOklahoma, noma qha. Intwanyana encanyana nje enomsindo ethi ayibe yinde *kangako*. Iyiphoysa lebhantshi elil’hlaza s’bhakabhaka lase hlathini. Nje i... Yenza omkhulu kabi umsindo, futhi akukho lutho kuyo. Futhi yagxumela esiqwini sesihlahla, futhi iqala ukutshwekeza, tshweke, tshweke, ikwenza ngamakhulu amandla. Ngase ngicabanga, “Asikho isidingo sakho ukuba uxhuxhume. Ngikhonza iNkosi. Awukuthandi lokho na? Bhekisisa lokhu.” Futhi ngizungeza, ngizungeza, ngizungeza, ngizungeza futhi, ngahamba, ngikwenza nje ngamakhulu amandla. Ngase ngithi, “Akumangalisi yini lokho na? UMdali wakho; uNkulunkulu

wami! Nakhu siyahamba futhi,” ngizungeza, ngizungeza, ngizungeza kanjalo.

⁷² Ngase ngiqaphela umfo omncane evusa ikhanda lakhe elincane nganhlanye, futhi ebheka ezansi kulokho okupheshulwe phansi. Akubonakalanga sengathi ngangiyixhuxhumisile. Ukuthi into ethize yayixhuxhumisa. Awu, ngacabanga, “Ungacabangi ukuthi ngiziphatha ngokuxakile. Ngoba, angiziphathi ngokuxakile, kimi uqobo. Futhi ngiyazi Uyangibusisa, ngakho nawe ungajoyina kanye nami.”

⁷³ Futhi ngakho kwenzeka ngabheka. Nesichotho sasiphoqe ukhozi olukhulu ukuba lwehle. Futhi saluphoqa lwehla lwangena. Lwalukade luphansi lwehlile, mhlawumbe ludla. Alukwazanga ukuthola ukunqoba, iphezulu lalo, ukuba lufinyelele ngaphezu kwesichotho, ngakho saluphoqa lwehla lwangena ezihlahleni. Futhi lwalulapho, phansi phansi kwalezi—lezizihlahla lapha.

⁷⁴ Futhi yilokho okwakuxhuxhumisa ingwejeje encane. Futhi lwaluyibhekisisa ngokusondele ngempela, kanjalo, ithi tshweke, tshweke, tshweke, tshwe, sengathi yayizoludabula lolokhozi lube yizicucu. Awu, yayingenkulu kangako ukudabula lutho lube yizicucu. Ngakho yayimi phezu kwalesosiqu, umsidlana wayo usongene wabheka phezu *kanjalo*, nje tshweke, tshweke, tshweke; tshweke, tshweke, tshweke. Ngacabanga, “Awu, ungaxhuxhumi. Aluzukukulimaza.”

⁷⁵ Nalolokhozi olukhulu lwagxuma lwaphuma egatsheni, *kanjalo*. Ngacabanga, “O Nkulunkulu, Ulapho, kulokho kumemeza kwempisi. Ulapho, ngapha, ekumemezeni kwasendle. Ulapho, ekushoneni kwelanga. Ulapho, othingweni lwenkosikazi. Ulubekeleni lolokhozi phambi kwami na? Ini, lwezani ukhozi lapho na? AngiKuboni kulolokhozi.”

⁷⁶ Ngalubhekisisa lolokhozi. Ngathi . . . Ngalubuka, amehlo alo amakhulukazi abukeka empunga. Lwalungayinaki leyongwejeje yasezihlahleni zephayini, kangako. Lwalubhekisisa mina. Ngangiyabona lawomehlo amakhulukazi engibhekisisa. Ngase ngicabanga, “Awu, ya, ngiyabona uNkulunkulu kulolokhozi, ngenxa yokuthi alwesabi. Kukhona okuthize ngalo, ukuthi alwesabi.” Ngathi, “Ngizozama, futhi ngibone ukuthi alwesabi yini.”

⁷⁷ Ngathi, “Awusho, mfo, uyazi yini ukuthi bengingakudubula na?” Ngathi, “Yisibhamu sami lesi. Bengingakudubula.”

⁷⁸ Lwavele nje lwabuka phezu kimi, *kanjalo*. Ngangilokhu ngilugaphela luzwa amaphiko alo. Ngathi, “Sengiyabona manje. Yingalesosizathu. Awesabi, ngenxa yokuthi uNkulunkulu wakupha amaphiko amabili. Futhi uyazi, kahle nakamhlophe, ubungaba semthini wamapulangwe lapho ngaphambi kokuba ngisho ngize ngifinyelele kulesosibhamu esandleni sami.”

Ngacabanga, “Uma ubungathemba amaphiko akho owaphiwe nguNkulunkulu, ukuba uphume engozini, lifanele kangakanani iBandla, ngoMoya eluwuphiwe nguNkulunkulu, kaMoya oNgcwele phakathi kwethu, ukuba sisuke ezintweni, liphume kuyo, kanjalo.” Ngalubhekisisa, ukuthi lwawezwa kanjani lawomaphiko. Inqobo nje. . .

⁷⁹ Omunye wathi kimi ngesinye isikhathi, “Mfowethu Branham, awesabi yini ukuthi uzokwenza iphutha na?” Qhabo, mnumzane, angesabi inqobo nje uma ngisayizwa leyoNto ethize ingizungezile. Lokho kukahle. Lokho kulungile. Inqobo nje uma Elapho, nguYe okwenzayo.

⁸⁰ Futhi ngalubhekisisa ukhozi isikhathi eside. Futhi lwabona ukuthi ngangiluthanda kakhulu impela, ngangingezukululimaza. Futhi ngakho lwalungangesabi, kodwa nje lwacasulwa yilokho kuthi tshweke, tshweke, tshweke, tshweke, tshweke, tshweke. Futhi lwakhathala yikho, ngakho lwavele nje lwenza okukhulukazi ukugxuma okukodwa, lwabhakuzisa amaphiko alo cishe kabili. Ngase-ke ngibona ukuthi kungani lwabhobokela kimi ngimemeza. Lolokhozi olukhulu aluzange lusaphinda lubhakuzise amaphiko alo. Lwalubonakala lwazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo. Futhi ngaso sonke isikhathi uma kufika umoya, lwalugibela lwenyuke luye phezulu kakhulu. Nomoya ungene, luphakame luye phezulu kakhulu. Futhi ngama lapho futhi ngalubhekisisa lwaze nje lwaba yichashazana elincanyana. Ngathi, “O Nkulunkulu, yilokho-ke.” Lwakhathala yilowotshweke, tshweke, tshweke.

⁸¹ Akusikho ukuthi, “Suka ebandleni uye ebandleni. Joyina *leli* futhi ujoyine *lelo*.” Kungukwazi nje ukuthi uwahlela kanjani amaphiko akho emandleni oMoya waKhe oNgcwele. Uma Uza ungena ugibele, ugibele uqhubeke nje, ugibele uqhubeke, uqhubeke njalo njalo njalo. Uphume usuke kulotshweke, tshweke, “Izinsuku zezimangaliso selwedlula. Ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele. Nonke ninephutha, ku*Lokhu*. Ayikho into okuthiwa ngukuphilisa kukaNkulunkulu.” Gibela nje uqhubeke, ngaphezu kwakho. Dedela uMoya oNgcwele nje ugibele ungene, bese ugibela usuke uqhubeke. Qhubeka nje, phezulu le futhi ngaphezulu, uze uyothi ngqi ekuzweni ibanga. He!

⁸² UNkulunkulu wenza ukhozi. Manje, uma lwalungenayo. . . Uma uklebe uzame ukulandela ukhozi, ubuyobuthuka emoyeni. Igwababa lizame ukulandela, izimpiko beziyophuma ziwe kulo. Luyinyoni eyakhiwe ngokukhethekileyo.

⁸³ UNkulunkulu ufanisa izinkozi zaKhe nabaprofethi baKhe. Umprofethi ugibela aphakame ayongena ezibhakabhakeni lapho angabuka khona kude le.

⁸⁴ Manje, uma ukhozi lunamakhulu, amaphiko anamandla angalwenyusela lapho. Futhi, amehlo alo lingaqhathaniseki namaphiko alo, beluyophuphutheka uma lufika phezulu lapho. Yingalesosizathu uklebe, azame futhi abe wukhozi, uma esephakeme kangako, angekwazi ukubona, empeleni, ngakho bekungemsize ngalutho ukukhwela aye phezulu. Niyabo? Luyinyoni eyakhiwe ngokukhethekileyo.

⁸⁵ NomKristu ungumuntu owenziwe ngokukhethekileyo. Kunjalo impela. Asikho isidingo sokuya ebandleni, ngaphandle uma kukhona Into onayo ekutshela ukuthi konke kulapho. Niyabo? Kuyinto ekhethekileyo uNkulunkulu akwenzela yona.

⁸⁶ Lolokhozi lungaya phezulu kakhulu uze ungabe usakwazi ukulubona, futhi lungabona noma yini inyakaza emhlabathini, encane into encanyane kakhulu; iso lalo likhulu kakhulu.

⁸⁷ Esikhathini esithize esedlule, eminyakeni emithathu noma emine eyedlula, intombazane yami encane nami sasihamba senyukela ezu lapho okugcinwa khona izilwane eCincinnati. Nganginabo enhla lapho ngomunye uMgqibelo ntambama, ngibabonisa izinto ezehlukene. NoSarah omncane nami sahamba sehla, wayeseyintombazanyana nje encane ngalesosikhathi, cishe nje eneminyaka emithathu ubudala. Futhi sasihambahamba. Futhi kwakukhona ukhozi olukhulu endaweni ebiyelwe.

⁸⁸ Futhi njalo ngangikuzonda ukubona izilwane zibiyelwe ngci. Angazi, ngiyakuzonda nje ukubona inyoni esamzwilili. . . Angilahli, ezinyonini zenu opholi nezinto, kodwa angikuthandi ukubona noma yini isendaweni ebiyelwe. Ngiyazi ukuthi kunjani ukubiyelwa ngci enkolweni lapho okungenankululeko khona. Manje, ngi—ngi—ngifuna uku. . . Ngithanda ukukhululeka.

⁸⁹ Manje-ke, njengokunika inyoni yakho esamzwilili nje onke amavithamini ongayinika wona, ukwenza izimpiko ezinhle namaphiko amahle, bese-ke uyigcina endaweni ebiyelwe. Kuyisiza ngani na?

⁹⁰ Kusiza ngani ukuthumela abashumayeli le emakholiji kanjalonjalo, futhi bafundiswe, konke kanjalo, bese-ke ubabiyela ngci, ngokuthi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjalo”? Kusiza ngani ukubafundisa na? I. . .

⁹¹ Mfowethu, ngithanda into ekhululekile, lapho ongandiza khona futhi uzejwayeze, inkolo ekudedela uthole ukukhululeka.

⁹² Ngaluqaphela lolukhozi olukhulu. Babesanda kulubamba nje, balufaka endaweni ebiyelwe. Ngacabanga ukuthi leyo kwakuyinto edabukisa kakhulu ukwedlula zonke ukuyibona esengake ngayibona. Lowomfo omkhulukazi, wayelele lapho phansi, ngenkathi ngisukuma, amaphiko alo amakhulu endlalekile. Izimpiko zonke zazishayeke zaphuma ekhanda

lalo, nasekuzungezeni intamo yalo nangaphezu kwamaphethelo amaphiko alo. Ngalubuka.

⁹³ Lwahuquzela lunqamula endaweni ebiyelwe. Lwabuka ngale kwendawo ebiyelwe, *kanjalo*. Nantu luza, futhi lwashaya leyondawo ebiyelwe ngekhanda lalo namaphiko, nje lubhakuza. Izimpaphe zazindiza. Lwaluwa luqethuke. Lwalubuye luvuke futhi. Luye emuva *ngapha*. Lwalubheka phezulu. Futhi lwalundiza nje ngawo onke amandla alo, futhi lushayise ngamaphiko alo nekhanda kuyo, futhi luwe luqethuke. Lwalala lapho, namehlo alo amakhulu egunquza, lubheka phezulu.

⁹⁴ “O,” ngacabanga, “lokho ngokunye kokubuka okudabukisa kunakho konke umuntu angakubuka.” Luyinyoni yezulu. Lwazalelwa ukujubalala emazulwini. Futhi lapha, ngobuqili namacebo omuntu, lubiyelwe ngci. Alukwazi... Luyinyoni yasezulwini. Alwazi lutho ngomhlabathi, cishe impela. Lufanele luhlale ezulwini. Lulele lapho, lubheka phezulu lapho ngempela olufanele ngabe lukhona, lapho inhliziyi yalo elangazelele ukubakhona, kodwa kukhona imigoqo phakathi kwalo nalokho.

⁹⁵ Ngacabanga ukuthi lokho kwakungukubona okudabukisayo, kwaze kwathi ngesinye isikhathi ngabona isintu, uNkulunkulu asidala ngomfanekiso waKhe, sibiyelwe emahlelweni nezinto angakholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu, babiyelwa ezindaweni lapho abebengeke bakhululeke khona. Bazalwa ngokwaseZulwini. UMoya othunyelwe nguNkulunkulu ukubo, kanjalo, kodwa bababiyela ngci ukuze bangakwazi ukuphuma. Ngibona abesilisa nabesifazane behamba emigwaqeni, begqoke ngokuziphatha kabi, emasaluni, bebiyelwe phansi. Lapho, bebefanele bakhululeke, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Futhi bazishaya baphuma ubuchopho babo, cishe, bezishayisa kwenye into, bezama ukuthola ukukhululeka.

⁹⁶ O Nkulunkulu, ukuba nganginamandla, ngangiyi... noma igunya, ngangiyoluthenga lolokhozi oludala futhi luhambe, ngiludedele luhambe lukhululeke lapho olufuna ukuya khona. Leyo yinto embi kabi, ukulubiyela ngci.

⁹⁷ Kodwa kubi kabi kanjani, ukuthatha amadodana kaNkulunkulu nokuwabiyelela endaweni okulapho be... Ngempela, uMoya wabo ufuna ukuphuma lapho futhi wenze okuthize. Bese-ke omunye ethi, “Ayikho into okuthiwa ukuphilisa kukaNkulunkulu. Ayikho into okuthiwa amandla kaMoya oNgcwele. Ayikho into enjenga*Le*.” Kubafaka endaweni ebiyelwe. Mfowethu, ake ngikutshela, kukhona inkululeko.

⁹⁸ Ngesinye isikhathi indoda yabamba igwababa elidala yase iyalibopha ngqi, ngoba lalisensimini yombila. Futhi i... Nezinyoni ziqala ukundiza ngaphezulu, futhi zithi, “Woza, Johnny Gwababa, asiye eNingizimu. Asiye eNingizimu. Isikhathi sasebusika siyeza.”

⁹⁹ Lahlupheka kakhulu, kwase kul'khuni ukuba lihambe. Kwakukhona indoda elungileyo eyafikayo, ngoluny'usuku, yase ithi, "Lelogwababa elidala elizihluphekelayo!" Wanqamula walidedela.

¹⁰⁰ Futhi ngenkathi ikwenza, amanye amagwababa afika, athi, "Woza, Johnny Gwababa, asiye eNingizimu."

¹⁰¹ Kodwa la—lase laboshwa isikhathi eside kakhulu, kwaze kwathi, lalihambahamba nje, lathi, "Angikwazi ukukwenza. Angikwazi ukukwenza." Lalingazi ukuthi lase likhululekile.

¹⁰² Ungaleyondlela—ke umuntu namhlanje. Awazi ukuthi uJesu Kristu wakwenza ukhululeke, mfowethu. Asiphume kuyo. Asifinyelele ndawondawo. UNkulunkulu wasenza sakhululeka. Musani ukubulawa yindlala. UNkulunkulu unezibusiso zephentekoste kuzo zonke izibhakabhaka, ne—nemithombo engakafakwa ucingo yobumnene baKhe. Asifinyelele kukho. "Othandayo, makeze. Makeze, aphuze eManzini okuPhila, ngesihle."

¹⁰³ Ukhozi, lwakha isidleke salo phezulu edwaleni. Lunjenge—lunjengeBandla. IBandla likaJesu Kristu liyiBandla elihlezi egqumeni, elinikeza ukuKhanya. Liphakeme. Linezimpokophelo eziphakeme. Belifanele libe nezinhlole, amathemba, njalo. Belifanele libe namathemba amakhulu, ngoba kade sethembe ukuba uNkulunkulu enze okuthize.

¹⁰⁴ Uma uza lapha kulentambama, uthi, "Awu, ngizokwenyuka. Uma ngingena emgqeni womkhuleko, kulungile. Awu, uma Ezongitshela ukuthi ngisindile, uma iNkosi izongazisa." O, ungabi namathemba anjalo. "Kodwa uma Engakwenzi, khona—ke angizukuthola lutho." Amathemba akho alilikhulu kangako.

¹⁰⁵ Woza ebandleni, kulentambama, uma ugula, uthi, "Ngethemba ukuya ekhaya sengisindile. Angizukuhamba kuze kwenzeke." Uma ungenawo uMoya oNgcwele, uthi, "Ngizohlala lapha futhi ngibolele kulendawo, kungenjalo ngizothola uMoya oNgcwele. Ngiza lapha phakathi kwabantu bakaMoya oNgcwele. Ngiza lapha lapho uMoya ekhona. Ngizohlala khona lapha ngize ngiWuthole."

¹⁰⁶ Yiba njengoba uBuddy Robinson omdala wayenjalo, ngenkathi ehlela ensimini yombila. Wathi, "Nkosi, uma Ungangiphi uMoya oNgcwele, uma Usubuyela emhlabeni Uyothola inqwaba yamathambo kaBuddy Robinson elele khona lapha." Yileyondlela yokukwenza. Kunjalo impela.

Sikuthatha ngokukuhlofuhlofuza kakhulu.

¹⁰⁷ Indoda, ngesinye isikhathi, yayizama ukufuna uNkulunkulu. Futhi ngaso sonke isikhathi yayithi, "Ngisindisiwe," uDeveli uthi, "Qhabo, awusindisiwe." Ngoluny'usuku yabethela isikhonkwane. Yathi, "Sathane, kusukela manje kuqhubeke, ngizokhomba kulesisikhonkwane. Yilendawo lapho

engahlangabezana khona nezidingakalo zikaNkulunkulu, khona lapha.”

¹⁰⁸ Bethela isikhonkwane sakho, khona impela eceleni kwesihlalo sakho, kulentambama, uthi, “Sathane, khona lapha yilapho konke ukungabaza kuzolala khona. Futhi ngizosuka ngindize naYe, kulentambama. Ngizovuma khona impela Angitshela khona ukuthi ngingakwenza.” Uma uzokukholwa.

¹⁰⁹ Lolukhozi oludala, uma selulungela ukwakha isidleke salo, luhamba lwenyukele le phezu emadwaleni. Bese lwakha isidleke salo phezu. Ngoba lune. . . Lufuna ukuvikela abantwana balo.

¹¹⁰ Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo. Uphakamisa iBandla laKhe liyongena endaweni, uma nje Uzomdedela, futhi uyokubeka endaweni lapho oyoba kude namanqe omhlaba. Impela, Uzokwenza.

¹¹¹ Kwehluke kangakanani ezinkukhwini! Izinkukhu yinyoni, nazo, kodwa yakha isidleke sayo phandle esibuyeni ndawo ndawo, phansi emhlabathini lapho ochakide nezinyoka nakho konke okunye, kungathola khona ichwane layo. Ayazi lutho ngokwasezulwini. Nokho, iyinyoni; mhlawumbe, umfowethu wehlelo, kodwa u—kodwa u—usemhlabathini. Ayazi lutho ngezinto zasezulwini, ukundiza phezu, ndawondawo le phezu lapho okul’hlaza s’bhakabhaka futhi kukuhle.

¹¹² Umama khozi omdala, uma lwenza isidleke salo. Ukuthi ngizibhekisise kanjani izikhathi eziningi, ziphume futhi zithathe izinti ezinkulu, bese zizibeka phansi kulawomadwala. Bese ziludonsela ngapha ngomlomo wazo, bese zilubophela phansi, bese zithatha imivini yameva bese zibopha ziluzongolozela. Nengaphakathi lesidleke senziwe ngameva, ikakhulukazi, ukubopha uhlobo olukhulu sengathi izimbobo, ndawonye, oluluthatha lulwenyusele lapho. Kodwa luyasigxilisa lesosidleke ukuze kungabikho-sichotho esingasiphephula lisisuse.

¹¹³ Ngijababula, “Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeke aLehlule.” Hlobo luni lwedwala na? Isambulo sokomoya.

“Abantu bathi Mina iNdodana yomuntu ngingubani na?”

“Abanye bathi u ‘Eliyase,’ abanye bathi ‘uMose.’”

“Kodwa nithini nina na?”

UPetru wathi, “Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu.”

¹¹⁴ “Ubusiwe, Simoni, ndodana kaJona. Inyama negazi akukwambulelanga lokhu. Awuzange ukufunde lokhu ekholiji. Awuzange ukufunde lokhu ngomunye umuntu ekutshela, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu. Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese

angeLehluLe. Izichotho zokuphila azisoze zaLizamazamisa.” Yingalesosizathu Athi WayewuKhozi. Wakha isidleke.

¹¹⁵ Bese-ke umama khozi omdala, elungiselela abantwana bakhe ukuba bazalwe, uyaphuma bese ethatha yonke into angayithatha, amaqabunga athambile. Athathe umlomo wakhe omkhulu bese ewabeka emuva emakhoneni, bese elungisa zonke izinto ezihlabayo, zizungeleze, ukuze zingahlabi ebantwaneni. Uyaphuma bese ezitholela iwundlu, kumbe noma unogwaja, noma yinto ethize, adle inyama yayo; bese-ke ethatha u—uboya, uboya obunofonofu kuwo, bese ebhaceka isidleke. O, usenza sibe sihle ngempela, enzela abantwana bakhe abezayo.

¹¹⁶ Yileyondlela uJehova Khozi enza ngayo, naye. Ukulungisa nje konke kahle. O, he! Uma ingane entsha izalwa, ngani, eMbusweni kaNkulunkulu, ivele nje...Icabanga ukuthi ingahamba, kodwa njalo ibhampa phansi phezulu, futhi igijigijima. Kodwa inesikhathi esimnandi. Isidlekeni, lapho konke kufakwe amaqubu, niyazi. U—ukuwa akulimazi. Futhi ngakho yileyondlela uJehova Khozi ongumama enza ngayo. Ulungisa isidleke saKhe sibe noboya ngempela futhi sibe sihle, enzela abantwana baKhe ozozalwa.

¹¹⁷ Emva kwesikhashana, kufika amaqanda, bese kufika nokhozi oluncane. Bese luyehla, lona nobaba—khozi, bese zondla bonke abantwana bazo, baze babe kusayizi okahle. Khona-ke uma sebefika kusayizi othize . . .

¹¹⁸ Manje, umama-khozi uzoqiniseka ukuthi lezozinkozi azizukufana nhlobo nanoma yini enjengenkukhu. Kunjalo. Alufuni zibanjwe wumhlaba. Ziyizinkozi, futhi luyazi ukuthi ziyizinkozi.

¹¹⁹ Yileyondlela uJehova Khozi enza ngayo. Akasifuni sibe yinkukhu, izinkukhu zasesibuyeni. Ufuna sibe yizinkozi, phezulu esibhakabhakeni, imvelo yethu ukuba ibe phezulu lapho lapho esikhululeke khona. “Lowo iNdodana emkhululile ukhululekile impela.” Lapho, ubafuna phezulu lapho. Ngakho, izinsuku ezimbalwa . . .

¹²⁰ Ukuthi ngizibhekisise kanjani, izikhathi eziningi kakhulu! Izinsuku ezimbalwa ngaphambi kokuba isikhathi sokuhlakazwa kwesidleke sifike, umama khozi omdala enyukele lapho eceleni kwalesosidleke. Ngike ngacambalala, usuku oluningi, ekukhanyeni kwelanga okufudumele, ngizibhekisisa, futhi nje ngikhale njengengane. Niyabo, lowomama khozi omkhulu, zibanzi. Umama khozi mkhulu kunobaba khozi. Ezinye zamaphiko azo endlaleka abe amafidi ayishumi nane, ukusuka echosheni kuya echosheni.

¹²¹ Futhi luyofika phezulu lapho. Luyohamba lunkonkomala, phezu kwalesosidleke, *kanjalo*. Futhi luyokhuphukela kulababantwana. Luyokwendlala amaphiko alo amakhulukazi bese lumemeza kakhulu. Futhi uma lukwenza, ngezinye

izikhathi izinkozi ezincane ziyowa ngomhlane wazo. Lufuna zenze njalo. Yilokho olufuna zikwenze. Khona-ke ziyosukuma. Futhi luyomemeza kakhulu. Ngani na? Luziqeqeshela iphimbo lalo.

“Izimvu zaMi ziyalazi iphimbo laMi.”

122 Lufuna zazi ukuthi kuyini uma sekufika isikhathi sokumemeza kakhulu. Futhi luyamemeza kakhulu. O, he! “Ngifuna nibambe onke amanothi ephimbo lami,” luthi, “ngoba kukhona inqwaba yemithuthambi. Ngifuna nazi ukuthi niyizinkozi. Ngifuna nazi iphimbo lokhozi.” Amen. Haleluya! “Ngifuna ukuba nazi ukuthi ukhozi luzwakala kanjani.”

123 Bese-ke lwendlala amaphiko alo amakhulu, luthi, “Bukani lapha. Ngilungiselela ukuninika ukundiza kwenu kokuqala ngawedwa. Kodwa, kuqala, ngifuna nibuke ukuthi ngimkhulu kangakanani.”

124 O, kumnandi kanjani! Mhlawumbe, ngezinye izikhathi, ukugula kusishaya silale ngomhlane wethu, mhlawumbe enye into, lapho esingabuka khona phezulu bese sithatha lawomaphiko amakhulu amabili kaJehova, iTestamente eLidala neLisha, bese sithi, “Umkhulu kangaka! Umkhulu kangaka, Nkosi!”

125 O, luyathanda ukuwakhombisa. “Bukani lapha ukuthi ngimkhulu kangakanani.” Luyamemeza kakhulu, “Leli yiphimbo lami.”

126 Futhi ubengasho kanjani umshumayeli, ke, ukuthi loloKhozi alumemeze kakhulu ngokufanayo nsuku zonke, ngaso sonke sikhathi oLwalumemeza kakhulungaso na? Impela. “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

127 ITestamente eLidala lathi, “NginguJehova. Ngavula uLwandle oluBomvu. Ngakhipha abantwana bamaHeberu esithandweni somlilo. Yimi engavusa iNdodana kaNkulunkulu.” Haleluya! “Yimi engathumela uMoya oNgwele, ngoSuku lwePhentekoste.” Ebuka ngamaphiko aKhe amakhulu, anithandi ukubona Lokho na? Akuyixhuxhumisi yini inhliziyu yenu na?

128 Lezozinkozi ezincane zithi, “O, Mama, impela siyaKwethemba. Unamandla futhi umkhulu.”

129 Ngiphuma ngobunye ubusuku futhi ngibuka isimo sokuhamba kwelanga inyanga nezinkanyezi. Lapha esikhathini esithize esedlule, ngenyuselwa eNtabeni iPalomar. Futhi lapho, ngeglassi, wawungayibona iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya. Kucabange nje, ukuthi kungamamayela amangaki, mangaki. Kuhamba kusheshe kakhulu kangakanani ukukhanya na? Neminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya, nangaphambili le kwalokho kwakuselokhu kuyizinyanga,

nezinkanyezi, namazwe. “Umkhulu kangaka! Umkhulu kangaka!” Izinkozi zalo ezincane ziqala ukuqalaza. “Umkhulu kangaka!”

¹³⁰ Nansi imbali. Yafa. Yangena emhlabathini, kodwa nansi ibuya futhi. “Umkhulu kangaka!”

¹³¹ Nansi indoda ezihluphekelayo eseyakhonkobaliswa ngumdlavuzayo oyithunzi, nomkhuleko uyenziwa phezu kwayo. Into elandelayo, uyayibona, indoda enkulukazi enobuso obubomvu. “Umkhulu kangaka! Umkhulu kangaka!”

¹³² Ubona owesifazane omdadlana engaphandle emgwaqeni phandle lapho, engafanele nokubukwa yizinja. Ake amandla kaNkulunkulu abambe ukunaka ngesinye isikhathi, uyomemeza kakhulu, “Umkhulu kangaka!” Uyalahla konke okusindayo nesono esithandela kakhulu kalula kuye. Into yokuqala niyazi, ungumuntu obukeka engcwelisiwe. Ungaphandle nebhukwana leVangeli eligodle ekhwapheni, enza okuthize.

¹³³ Ake kuthi lowogweva, ezansi ekhoneni, ezansi ekhoneni, leyondoda engcolile, ake kuthi kanye ibuke phezulu futhi ibone. “Umkhulu kangaka!” Ibhekisise iyeka ukuthengisa ugologo wayo, iyeka ukuphuza nokubhema, osikilidi bayo nezigazu, iyeka ukukhuluma amanga ayo, kanjalonjalo. Naphandle emgwaqeni, neBhayibheli esandleni sayo, ifakaza enkazimulweni kaNkulunkulu, “Umkhulu kangaka!”

¹³⁴ Ake uNkulunkulu endlale leloTestamente eLisha neLidala phezu kwakho, ngesinye isikhathi. Ubuke ngamaKhasi aLo futhi ubone ukuthi Liyini. Uyozwa iPhimbo limemeza kakhulu livela Lapho, lithi, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Engabenzela khona, Ngiyokwenzela wena. Futhi Ngiyafana. NginguJehova. Angiguquki.” Ngizizwa ngigcwala ukhoho ngempela khona manje. O, he! NgiKwazi kahle. KuyiQiniso.

¹³⁵ Manje, umama uzimisele, lezozinkozi ezincane azizukuba yinkukhu. Kodwa luzimisele ukuthi angeke zibe yiyo. Niyazi ukuthi lwenzani-ke na? Emva kokuba selunkonkomala lwehla lwenyuka esidlekeni, futhi lwendlaleke, luyothi, “Buka lapha, s’thandwa, ukuthi ngimkhulu kangakanani. Buka lapha. Nifanele ningethembe. Ngizonithatha nginiyise ndawondawo lapho enizofanele ningethembe khona.”

¹³⁶ Ngazi kanjani ukuthi uNkulunkulu akabathumelanga abantu abagulayo phakathi lapha kulentambama, indlela efanayo na? Akubeke endaweni lapho udokotela. . . Wena uthi, “NgingumKristu, Mfowethu Branham.” Ngiyakwazi. “Futhi nginoMoya oNgcwele, futhi ngilapha, ngigula.”

¹³⁷ Wazi kanjani ukuthi uJehova nje akazami khona ukuba akuthole ukuba ubuke ngamaphiko bese ubona ukuthi Mkhulu kangakanani na? “Ngimkhulu kangaka! Ngizokwenzela okuthize, ozodingeka ukuthi uNgethembe.” Nakho lapho

okhona. “Futhi ngifuna wazi ukuthi wethembela kukuphi, kuqala. Uyawabona amaphiko aMi amakhulu na?”

¹³⁸ Manje-ke, emva kwezinsuku ezimbalwa, niyazi ukuthi lowomama wenzani na? Inqobo nje uma lowombhede wenziwe wathamba, lezozinkozi ezindadlana azifuni ukusuka kuwo. Kunjalo. Niyazi ukuthi wenzani na? Manje-ke ungena lapho ngqo lapho, bese ethatha umlomo wakhe bese ekuhlakaza konke nokunci kwalobo bunofonofu buphume lapho, bese ebuphosa ngaphandle kwesidleke. Uzimisele ukuthi abazukutholakala besemikhubeni yezwe. Kunjalo.

¹³⁹ Yilokho uNkulunkulu akwenzayo, ngesinye isikhathi. O, ucabanga ngayo yonke into enkulu nayo yonke into yokuziqhenya, nayo yonke into. Ningafuni lokho. Ngani, niqhele ngamamayela ayizigidi kwiphentekoste. Abantu basephentekoste abafunanga izinto ezilula. Bathengisa ngalokho ababenakho banika abampofu, futhi baphuma noKristu, yedwa. Futhi, namhlanje, sekudingeka sibe noxhaxha lwezimoto eziphambili oKadilake ngaphambi kokuba sibe ngabakamoya. Kwenzekani na? Kukhona okungalungile, ndawondawo.

¹⁴⁰ He, angithathe indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Ngiqale phakathi noJesu. Nkosi, ngithathe ungedlulise, phansi kwanoma yimuphi umniningwane.

¹⁴¹ Abantu bayakwesaba ukuZalwa okusha. Yileyo indaba. Bayesaba ukuzalwa ngokusha.

¹⁴² Noma ubani uyazi ukuthi noma yikuphi ukuzala, angikhathali ukuthi kukuphi, kungamahlaphahlapha. Uma kusehlokweni lezingulube, noma uma kusesitakini sotshani obomile, noma uma kusegumbini lasesibhedlela elihlotshiswe ngokuphinki, ukuzala kungamahlaphahlapha. Nabantu abafuni ukuba mahlaphahlapha.

¹⁴³ Kodwa, ngiyakutshela, angifuni ukuhlangana noNkulunkulu engxenyeni yami. Ngifuna ukuhlangana nokuZalwa okusha eleveleni kaNkulunkulu. Angikhathali noma kudingeka ngikhale, ngiklabalase, ngikhulume ngezilimi, noma ngabe kufanele ngenzeni. Angikhathali ukuthi bangaki omakhelwane abakhuluma ngami. Mangizalwe ngokusha.

¹⁴⁴ Angikhathali ukuthi hlobo luni lwesimo olungaba yilo, uma ngidingeka ukuba ngilone lonke udumo. Anginalo, empeleni. Yileyonto engingadingekanga ukuba ngiyishiye. Ngangingenasithunzi noma udumo. Ngangingumfo wasemagqumeni nje, okokuqala nje, ngakho ngangingenalutho. Kodwa a—a—angikhathali ukuthi kuyini, ngilungele ukulahlekelwa yinoma yini bese ngiba yisiwula ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Ufuna ukungibiza ngokuthi, “Umgingqiki ongcwele, noma onemimoya, noma udeveli, noma umfundi-mqondo.” Angikhathali ukuthi bathini.

145 Ngifuna uJesu. Lowo umgomo wethu omkhulu. Ukuthi kukuyiphi ileveli, angikhathali. Ngifuna ukuhlangana naYe elevelini yaKhe; hhayi kulokho engicabanga ukuthi kulungile, noma ukuthi okushiwo omunye umuntu kulungile. Ngifuna kulokho uNkulunkulu athi kulungile. Kunjalo. Uma Athi, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade,” ngifuna ukuMbona kulelileveli. Uma ngidingeke ngishumayele esixhekeni sezixobo, futhi ngidle amakhekhe kasoda, futhi ngiphuze amanzi egatsha, ngisalokhu ngifuna iVangeli. Ngifuna uKristu elevelini uKristu abengafika ngalo.

146 Lungena lapho bese lulahlela ngaphandle bonke lobo bunofonofu. Ngaso sonke isikhathi lezozinkozi ziqala ukuhlala phansi, zisemeveni. Kuwuhlobo oluhlabayo. Lu . . .

147 Yilokho-ke. Akuthi uDeveli, ingobo nje uma sebez . . . “O, usindiswe izolo ebusuku na?”

“Yebo Ehhe. Yebo. Ngisindiswe izolo.”

“Lokho yi . . . O, ngijabula kakhulu ngalokho.”

148 Kodwa, uqala ukuphila impilo, ngokuqondile uthi, “Mgingqiki ongwele! *S'bani-bani!* O, ngiyabona ukuthi qembu lini onalo.” Niyabo?

149 Ukudedela uhlabeke, kanye ngasikhathi. Akafuni ukuba uthole ukwejoyelana nalelizwe, niyabo. Ufuna uthole . . .

150 Lowomama akafuni lezozinkukhu zi . . . Lezozinkozi ukuba zike zibe yizinkukhu. Ufuna ziphume kulesosidleke. Akunandaba uma zisedwaleni, kumbe noma zikuphi, uziphathele into engcono.

151 UNkulunkulu uliphathele into engcono iBandla. Ungahlali nje phansi, “NgiyiPentecostal.”

152 Omunye wathi, ngesinye isikhathi, wathi, “Mfowethu Branham . . .” Indoda endala ezansi eArkansas, yayikade iphilisiwe. Yayihambahamba ngosuku olulandelayo ngezinduku zayo zokuqhugela. Yayikade ithengisa amapensela emgwaqeni, iminyaka ngeminyaka. Ihambahamba, isayini enkulu, “Angisazidingi, selokhu uJesu afika kimi,” ihambahamba. Futhi ngalobo busuku, yayimi ezethamelini, futhi cishe *njenga lezi*, eHholo lesiKhumbuzo sikaRobinson eLittle Rock. Yayisithi, “Umzuzu nje, Mfowethu Branham.” Ngangishumayela. Yathi, “Umzuzu nje.” Yathi, “Uyazi, ngenkathi ushumayela . . .” YayinguMnazaretha. Yathi, “Uyazi, ushumayela njengoMnazaretha nje. Ngase-ke ngiqaphela iningi labantu lapha bayiPentecostal. Futhi manje khona ongitshela ukuthi uyibaptisti. Angikuqondi.”

153 “O,” ngathi, “lokho kulula. NgiyiPentecostal Nazaretha Baptisti.” Kuyilokho impela nje. Yebo, mnumzane. O, mfowethu, lezozimpawu!

154 Ngangivamise ukuhlala lapho, uma siqhuba izinkomo sizenyusela ezintabeni, nedolo lami linqume ophondweni lwesihlalo esidala lapho, ngibhekisisa lowomphathi wezinkomo ebhekisisa lezozinkomo ziza zedlula. Ezethu kwakuyiTripod. AmaGrimes, enhla lapho, kwakuyiDiamond T-Bar. Eziningi zalezozinsimbi nezimpawu ezehlukene zedlula. Umphathi wepulazi wayengalunaki kangako uphawu. Wayebhekisisa icici elichaza uhlobo lwegazi.

155 Amen. Yilokho uNkulunkulu azokubhekisisa. Ubhekisisa icici lohlobo lweGazi. Akakhathali ukuthi hlobo luni lophawu onalo. Ngani na? (Akukho lutho olwalungahamba lungene kulelodlelo kodwa inkomo iHereford yohlobo lwangempela.) Futhi akukho lutho olungangena emasangweni aseZulwini kodwa ozelwe ngokusha, ngeGazi likaJesu Kristu. Angikhathali ukuthi wenzani, ukuthi uhlakaniphe kangakanani, noma ungumshumayeli omuhle kanjani, noma uyilunga lebandla elihle kanjani. Uma ungazalwa ngeGazi likaJesu Kristu, necici lohlobo lweGazi kuwe, awusoze wangena. Yilokho kuphela nje okukhona kukho. “Nxa Ngibona iGazi, Ngodlula kini.” Yilokho kuphela. Uyokudedela ungene uma lelocici elichaza uhlobo lweGazi likahle. UNkulunkulu uyobhekisisa iGazi leNdodana yaKhe uQobo eBandleni.

156 Lomama khozi omdala, uyababhekisisa labobantwana, o, ngaso sonke isikhathi. Abakwazi ukuhlala phansi. Kusezindaweni zonke nje. Nje ameava, ameava, ameava.

157 Manje, kukhona okunye okufanele kwenziwe ngaleloBandla lamaPentecosal kulesosidleke, ukuze bangaboshwa yisidleke. Kunjalo. Manje, angikhahleli ngiphikisane nezinhlango. Manje ningakufaki lokho engqondweni yenu. Kodwa, ngizama ukusho, nje ningavumeli lokho kube yindawo yokuma. Nikahle. Ngiyazithanda izinhlango. Ngingowazo zonke. Niyabo? Impela, nginjalo. Yebo, mnumzane. Ngazalelwa kuyo. Wonke umuntu usebandleni; ngazalelwa lapho. Kodwa nje ningami kulokho, nje ningami kuleyohlango. Qhubekani ngqo noNkulunkulu, nize—nize niphumele lapho ekundizeni ngawedwa.

158 Manje, into yokuqala niyazi, uma umama omdala esenqume ukuthi uzonika abantwana bakhe isehlakalo esincane. Manje, bayojoyina ibandla nakho konke kuhle, kodwa liqala ukuhlaba. Kukhona okungalungile. Bese kuthi umama omdala ekhuphukela lapho phambi kwesidleke, ngoluny’usuku. Uyababuka abengamele labobafo abancane, futhi kukhona inqwaba yezimpaphe ezixegayo kubo. Uyazi uma ethatha labobafo abancane ebakhuphulela kulowomoya, nalezozimpaphe ezixegayo, bayokwephuka izintamo.

159 Futhi ngiyanitshela, uma ibandla lamaPentecostal lingakutholi ukuhlanzisisa okuhle, bazokwephuka intamo,

futhi. Kukhumbuleni nje lokho. Ziningi kakhulu izimpaphe ezixegayo. Yileyo indaba.

¹⁶⁰ Niyazi ukuthi lwenzani? Lukhuphukela esidlekeni, bese luthatha amaphiko alo amakhulu bese luqala ukuziphephetha *kanjalo*. O, anikaze nime phambi kwebhanoyi ngaphambili, kuze kuthi, uthole ukuthi, izimpaphe ezixegayo zindiza zibheke ndlela zonke uma lowomoya ovunguzayo onamandla uqala ukushanela ezimpikweni zalabobafo abancane.

¹⁶¹ Ngiyanitshela, ibandla lidinga ukunyakaziswa kwesidleke namhlanje, ngoMoya ovunguzayo onamandla, ukukhipha lonke izwe ebandleni lamaPentecostal, lapho abangaba ngabodwana. Sidinga enye yeVangeli lakudala, kaMoya oNgewele, ezalwe nguNkulunkulu, imvuselelo ethunyiweyo. Kunjalo impela. Asidingi umongameli omusha; sinaye, omuhle kakhulu. Asi (entsha) dingi izimeya ezintsha zedolobha, noma ngabe yini. Lokho akusikho...Lowo ngumsebenzi wabo. Kodwa esikudingayo, njengabefundisi, ngukushumayela iVangeli nokubuyisela ibandla ephentekoste futhi, ukulibuyisela esehlakalweni sokhozi futhi. Yilokho ibandla elikudingayo. Yilokho, o, nje...Anifuni ukuba yizinkukhu. Niyizinkozi. Nifanele nithathe uKudla kokhozi.

¹⁶² Futhi lwalulapha, luhlezi lapho, lungqofa lukhipha zonke lezozimpaphe ezindala. Isizathu, uma lungakwenzi, zi...Uma zingakwenzi, azinazo izimpaphe ezenele ezisele ukuba zindize. Lufuna ukuzithatha kuze kuthi zonke izimpiko zobungane ezindadlana ziphephuke zisuke kuzo.

¹⁶³ Bese lukhuphukela lapho, futhi lumemeza kakhulu. Selulungele ukubanika esinye isehlakalo ngalesosikhathi. Lusho lukhiphe amaphiko alo amakhulukazi angamafidi ayishumi nambili kanjalo. Lezozinkozi ezincane ziyeluleka, zikhwele. Lukhuluma nazo ngaleyonkathi, ngoba sezilizwile iphimbo lalo. Ziyakwazi ukulethemba, ukuthi kundizwa kanjani. Luthi—luthi, “Manje, bantwana, ngizoniyisa ekundizeni ngawedwa.” Ngalunye luyakhuphuka, bese luthatha unyawana lwalo, bese lubambelela ephikweni, lubabembelele ngomlonyana walo kolunye lwalezozimpaphe. Ngani, ngeke lwadoncuka. Luyobamba izinkozi ezingamashumi amahlanu, ngamandla alolophaphe ephikweni lwalo. Futhi lubambelela lunqume ophikweni *kanjalo*, nomama omdala aphakamise amaphiko akhe *kanjalo*, andize asuke edwaleni.

¹⁶⁴ Nantu luhamba, luntweza luya phezulu, phezulu, phezulu, phezulu, luze luyofika phezulu le lungene esibhakabhakeni, phezulu le. Labobafo abancane abakaze babe lapho ngaphambili. O, nje banesikhathi esimangalisayo.

¹⁶⁵ Into yokuqala, niyazi, niyazi ukuthi lwenzani? Luvele luguquke bese luzithintitha, zonke, zisuke. Ziyizinkozi. Bezifanele zazi ukuthi kundizwa kanjani. Kunjalo impela.

Luzithintitha zisuke impela, zibe ngesingazo. Awu, abanye balabobafo abancane. . . Luyampompoloza, “Kulungile, bantwana, niyizinkozi. Ndizani.”

¹⁶⁶ Inqobo nje uma uthi, “Awu, ngisonta *kuleli* bandla. Ngiyakutshela. Angazi nga*Lokho*.” Awusoze wandiza. Ehhe. Ehhe. Kulungile. Udinga ukuba uthole ukuthintithwa kanye, phezulu emoyeni.

¹⁶⁷ Lezozinkozi ezincane zaqala ukundiza. Luyampompoloza, “Bhakuzisani amaphiko enu, bantwana. Qhubekani nje nibhakuzisa ukukholwa kwenu okuncane, phansi naphenzulu. Niphakeme ngokwenele ukuthi ningeke nishayise emhlabathini.” Niyazi ukuthini? Manje olukwenzayo, luqhasha luphumele eceleni, ukuba luzibhekisise. Luntweza luzungeze njalo. Futhi nazi lapho ezikhona, nje—nje ngokufanayo impela nemvuselelo yePhentekoste, ukuthi fithilili, ukuthi gombolokoqo, zeqana, olunye, nje zibhakuza, kukho konke ezingakwenza. Azinandaba. Zinokwethemba okwedlula konke kumama wazo ophandle lapho ezibhekisisa.

¹⁶⁸ Belifanele lenze kanjani ibandla na? Uma olunye lwazo oluncane, izinkozi ziphuma ekubhalanseni, lushwibeka luqonde ngqo phansi ngalawomaphiko amakhulu bese luluthatha, bese luluthwala lungene emseni futhi. Manje, lokho akusikho ukufundisa kwamaBaptisti. Lelo yiBhayibheli. Ngakho, lulubuyisela ngqo phezulu. Luluthintithe futhi; luludedele luqale kabusha. Amen.

¹⁶⁹ Lezozinkozi zinokwethemba kumama wazo, ukwethemba okwedlula konke, ukuthi lowomama uzozisiza abuye azithwale ziye phezulu futhi, Lukuthwale ngamaphiko okhozi, azithwale ziye phezulu lapho bese eyazithintitha futhi. Aluqale futhi. Uma u. . .

¹⁷⁰ “Uma ngiwa noma uma ngehluleka, mangivuke ngizame futhi, O Nkosi.” Hamba futhi. UNkulunkulu uzokuphakamisa ngqo futhi, akuthathe akuyise phezulu lapho bese ekuthintitha futhi. Uzame ukuzibhalansela, futhi nje uqhubeke uhambe. Uqhubeke nje ubhakuza uze ufunde ukundiza. O, he! Inkukhundi endala ayazi lutho ngalokho. Ayazi lutho ngalokho, ngoba ayikaze ibe phezulu lapho; akukho namunye wokhokho bayo phezulu lapho. Ekwaziyo kuphela ngukujoyina ibandla bese ihlala phansi, niyabo, esibuyeni. Ayazi lutho kangako ngakho.

¹⁷¹ Ngesinye isikhathi indoda yayibeka isikhukhukazi, futhi yayingawatholi amaqanda enele. Ngakho yathola isidleke sokhozi, yase ikhwela phezulu yase ithola iqanda lokhozi yase ilifaka phansi kwesikhukhukazi. Futhi ngenkathi lesosiqhoqho samaqanda sesichanyuselwe, lolokhozi lwalungumfo omncane obukeka eyinqaba, kuwo onke amachwane.

¹⁷² Lokho kuthi nje akube yindlela Okufika ngayo, elilodwa kuwo onke ahleziyo. Kuthi nje akube ngayo indlela okwenzeka

ngayo. Lokho kuqinisile. Futhi nantu lapho olwalukhona, umfo omncane obukeka eyinqaba.

¹⁷³ Wayengakuqondi ukukukuza kwesikhukhukazi, isikhukhukazi esidala siphandle lapho e—ezingwabeni zomquba egcekeni, “Sizoba nesidlo sakusihlwa sobudlelwano kulobubusuku. Sizokwenza konke *lokhu*, kanjalo. Ku, ku, ku. Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ngukuphilisa kukaNkulunkulu. Ku, ku, ku, ku.” Sidla leyonto engcolile yamaphathi awakanayo, nemidlalo, nezingubo ezihhunduliwe, nakho konke kanjalo, amathelevishini nalo lonke lolohlobo lombhedo.

¹⁷⁴ Lowomfo omncane wayewukhozi. Lokho akuhlalanga naye. Kwamenza wahlanza, ukukunuka. “O, he, angisoze ngakwenza lokho.” Ehambahamba, he, wayengumfo omncane obukeka eyinqaba.

¹⁷⁵ Bathi, “O, woza, s’thandwa. Sizoba nephathi enkulukazi, kulobubusuku. Sizoba nezidlo.”

¹⁷⁶ Wayengafuni lutho lwaleyonto. Wayehambahamba futhi wabona. “Ini? Ngiyidada elibukeka lixakile lapha.”

¹⁷⁷ Futhi ngikutshela into eyodwa, mfowethu, uma umuntu ezelwe ukuba abe ngumntwana kaNkulunkulu, izivumokholo ezindala namahlelo awasoze amenelisa. Qhabo, mnumzane. Izinto zezwe, imidlalo yebhasketboli, namaphathi, ne—nemidlalo yokuwaka, nazo zonke lezi’nhlobo zemibungazo amabandla esimanje azenzayo namhlanje osukwini lwethu. Akumangalisi, bayavuma, “Uphi uNkulunkulu?” Badumaze uNkulunkulu wasuka kubo. Kunjalo impela. Yebo, mnumzane. Izinkukhu ziyaluthanda lolohlobo lwento, kodwa izinkozi aziluthandi. Lokho akusikho ukudla kokhozi.

¹⁷⁸ Nantu luhamba, luzungeza lapho. Futhi, he, zonke izi... zonke zaqalaza. Zazigijime zonke zezele *kule* ndawo. Nje... Sasiqhanda enye yezinto ebukeya ingcole ukwedlula konke, futhi ayegijima ege bese eyakudla. Mm! “O, woza, woza, joyina kanye nathi.”

¹⁷⁹ Kodwa ungumuntu ohlukanisiwe. Yebo, mnumzane. Wayengafuni lutho lwaleyonto. Kwakungabukeki kulungile kuye. Kwakunganuki kahle. Kwakungenalo uhlobo olukahle lwesimo esizungezile lapho. Wayengakuthandi lokho, nhlobo. Wathi, “Qhabo, qhabo.”

¹⁸⁰ Futhi ngoluny’usuku, umama khozi omdala uyafika eluzingela. (Ngijabula kakhulu ukuthi Wezela mina.) Lwandizela phezu kwesibuya, lwabuka phansi lapho, futhi lwambona umntanalo. Futhi lwamemeza kakhulu. Lwathi, “S’thandwa, awusiyo inkukhu. Ungowami.” Ngenkathi luzwa lelophimbo, lwabheka phezulu. Lokho kwezwakala kahle. Imvelo yalo kwakuwukhozi. Imvelo yalo.

“UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

“Amen,” luphendula lumpompoloza.

181 “Ungalithandi izwe noma izinto zezwe; uma uzithanda, uthando lukaNkulunkulu alukho kuwe.”

“Amen,” lusho. “Lokho kuzwakala kahle.”

182 “Uma sengibuya ngiza ngapha, s’thandwa, ungaxuma. Into kuphela ofanele uyenze ngukubhakuzisa amaphiko akho amancane okukholwa. Lizokuthwala.

“Ngizophuma kanjani kukho, mama na?”

183 “Bhakuzisa amaphiko akho nje. Yilokho kuphela. Uzophuma ngqo. Thatha ukukholwa kwakho nje bese uphuma ngqo kukho. Hamba uyolunguza, ngoba uwukhozi, kwasekuqaleni. Impela. Uwukhozi, okokuqala nje. Bhakuzisa amaphiko akho.” Lwaluntweza luzungeza, ngaphezulu. “Ubukeka njengomunye wami ezansi lapho, lapho okhona.”

184 Nomfo omncane waxuma ngezinyawo zakhe, ebhakilazeka phansi naphezulu, kane noma kahlanu, niyazi, sengathi ushaya ihlombe ngezandlana zakhe, noma amaphiko, ndawonye, kanjalo. Nento yokuqala niyazi, uyasuka ngezinyawo emhlabathini.

185 Kodwa niyazi ukuthi lwenzani na? Lolukhozi oluncane, lwahlala phansi ngqo echosheni lesigxobo esibuyeni, khona impela phakathi nehlelo elikhulu lamaPentecostal. Niyazi ukuthini? Umama khozi wandiza wazungeza futhi. Walubuka, lugqoke amabhulukwe, luphungule izinwele, lupende ubuso. Lwathi, “S’thandwa, ubukeka ufana kakhulu noklebe wePentecostal kunoma wenza ngokhozi lwasephentekoste. Uzofanele uzigeze kakhudlwana kunalokho, kungenjalo ngeke ngikwazi ngisho ukukuthola.” Kunjalo.

186 Bengingaqonde khona ukulimaza imizwa yenu, kodwa ngifuna ukugunda into ethize kini. Ake ngikutshele, mfowethu. Ngani, ibandla lamaPentecostal lidinga ukuhlanzwa, kusukela epulpiti kuya ebhentshini, kunjalo impela, silahla okusindayo. Akumangalisi singenakuba nemvuselelo, sidla izinto zamanqe, sihlala ekhaya ebusuku ukuba sibuke itelevishini ethize eyintandokazi esikhundleni sokuya enkonzweni yomhlango womkhuleko. Sigqoka lawa amadala... Abesifazane begqoka lezingubo, nabesilisa bathathe kancane, uphuzo lobudlelwano, futhi bexoxa amahlanya angcolile nezinto phakathi komunye nomunye. Niqonde ukuthini, madoda na? UNkulunkulu angeke nhlobo afinyelela phansi engxovangxoveni yento enjalo.

187 Ningahle nibe namabandla amakhulu kunawo onke kwelikhona ezweni. Ningahle nibe nemali eningi kunaleyo esake naba nayo. Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Ungahle uzibandakanye nalokho okubiza ngesixuku esingcono esinobuhlakani. Ungagqoka isudu engcono yezingubo, kodwa,

mfowethu, uNkulunkulu ufuna inhliziyo ehlanzekile nezandla ezihlanzekile. Ufuna ibandla elihlanzisisiwe, khona-ke Angazibonakalisa.

¹⁸⁸ Lapho uNkulunkulu endlala amaphiko aKhe amakhulu futhi ekhombisa amandla aKhe, ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade, ukhozi luthi, “Yebo, Nkosi. Yilokho engikufunayo. Ngilwela khona. Ngiza kukho.” Impela. Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

¹⁸⁹ He, siyephi isikhathi sethu na? Kuthi nje a—angishumayele manje. Ngifanele nje.

¹⁹⁰ Senzeni na? Kuphi na? O! Okudingwa yibandla lamaPentecostal ngukuhlanzisisa. Lidinga ukugezwa. Lidinga ukukolajwa, ukungcwelisa. Bantu, anisibo abezwe. Awuzifanisi njengabanye abantu. Ungazami ukuzifanisa njengengcweti ethize yezamabhayisikobho. Uyindodakazi kaNkulunkulu. Uyindodana kaNkulunkulu. Ungazami ukuba nguMatt Dillion noma omunye umuntu. Ungazami ukuba nguPeabody Ernie, kumbe noma ngabe ubani igama lakhe, noma amanye alawomadoda. Awu... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “Ningazithandi izinto zezwe. Uma nithanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini.” Ngiyazi, mfowethu, lokho kuyagulisa. Lokho kukwenza ugule.

¹⁹¹ Umama wami omdadlana waseningizimu wayevamise ukungitshela lokho. Sonke thina bantwanyana sasifika ngoMgqibelo ebusuku, nobhavu omkhulu omdala womsedari, futhi wayethela amanzi kulo, bese—bese egeza ingane. Futhi ngangicina kwabayishumi. Futhi ngangithola ukugeza kokucina obhavini ofanayo wamanzi, ngithi ukuwafudumeza kancanyana. Bese-ke umama athathe i... Sasimpofu kakhulu, si... .

¹⁹² Wayethatha izikhumba ezindala zenyama bese eyazikhukhuluza, ukuba athole u—ugrisi kuzo. Sasingakwazi ukuthi sithenge amafutha engulube, futhi ngakho wayekhipha ugriksi kuso, ukuwafaka esinkweni sommbila. Futhi sasinophizi ongumehlo-mnyama, uhlaza lukatenipu, nesinkwa sommbila. Futhi—futhi sasithola eyethu... .

¹⁹³ Kwakusigulisa nezinto, nomama, njalo ngoMgqibelo ebusuku, wayesiphuzisa ukasta oyela. A—angikakwazi ngisho ukuyimela lento namanje, ukuyihogela. Futhi ngangiza kuye, ngibambe ikhala lami. Ngangithi, “Mama, musa, musa, musa. Nje ngeke ngakumela.”

¹⁹⁴ Unginika izwi elihle. Wathi, “Ndodana, uma ungakugulisi, awukusizi ngalutho.”

¹⁹⁵ Kungaleyondlela ngokushumayela, leliZwi. Uma Lingakugulisi, kahle kakhulu, ukuze isehlakalo sakho sokudla kokomoya okuhle sisebenze, ngeke kukusize ngalutho. Kunjalo.

IZwi liyakukhulula, futhi ukhululeke impela, ligqashule amaketango. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

¹⁹⁶ Ibandla lidinga imvuselelo kaMoya oNgcwele. Lidinga ukuhlanzwa kwendlu. Lezi yizinkozi. Ungaziphi ukudla kwezinkukhu. Ziyizinkozi. Zikhiphe lapho lapho ezizondiza khona noma zife. Yilokho kuphela. NoNkulunkulu uzoliquaphela ifa laKhe. Akakude neze kakhulu. Useduze njalo, ukuba akuphakamise. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Asikhothamise amakhanda ethu-ke senzele izwi lomkhuleko.

¹⁹⁷ Bangaki abangathanda ukukhunjulwa manje na? Futhi bathi, “Nkosi, ngihawukele. Ngiphe imicabango yokhozi. Ngiphe izifiso zokhozi. Ngiphe ukuphila kokhozi. Mangindizele esibhakabhakeni saKho ngaleya, Nkosi, lapho zonke izinto zingenzeka kulabo abakholwayo. Yenza ukukholwa kimi. Amaphiko ami mawakhule. Imisipha yami, emaphikweni ami, mayikhule ngize ngikwazi ngempela ukubona uJesu.” O, uNkulunkulu anibusise.

¹⁹⁸ Baba waseZulwini, o, u—uMlayezo ngahle ukuba uzwakale ungosolayo, Nkosi, kodwa ubungaqondile ukuba ngaleyondlela. Ubukwencane nje, indlela kuphela engidinga ngazise ngayo abantu, Nkosi, ini, engikukholwayo, ukuthi Uzama ukufinyelela kubo, ukunyakazisa ibandla. Lelifa elikhulu laKho, lelibandla elikhulu lePentecostal, ibandla elikhulu, njengoba linjalo; Unyakazise zonke izinhlobo zeziphiwo ngakubo, zonke izinhlobo zezibonakaliso nezimangaliso, futhi bahlala baqhiyame, njengezinkukhu, ngezinye izikhathi. O Nkulunkulu, babonise ukuthi bayizinkozi. Bangandiza, nje bathathe ukukholwa kwabo futhi basuke bandize kukho, basuke kulesisaga esidala, “Ngeke kwenzeka. Akukho lutho kukho.” O Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa wonke umuntu lapha kulentambama, futhi kwangathi ngamunye wabo angafukameleka asondele phansi kwamaphiko kaJehova. Siphe khona, Baba. Ngibethula kuWe, eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

¹⁹⁹ KuseNkosini uNkulunkulu, Akwenzayo. Manje sizoba nomugqa womkhuleko, ukuze siphume lapha. Ngifuna niye endlini yokukhonzela, kulobubusuku. UNkulunkulu anibusise. Niyayithanda iNkosi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Amen.

²⁰⁰ Ake sicule nje kanye futhi, ukuze ngizwe eTulsa, leliqembu elikhulukazi.

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
Ngoba WaNgithanda kuqala,
Wang’thengel’insindiso
EKalvari.

201 Kulungile. “Ngi...” Asilenze lizwakale manje, kuYe. Umlayezo usuphelile. AsiMkhonze nje.

Ng’yaMthanda,
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang’thenge’insindiso
EKalvari.

202 Manje asithi nje ukukhothamisa amakhanda ethu, futhi siphakamise izandla zethu, ngenkathi isixuku sisathula manje.

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
Sondela eduze, Nkosi.
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang’thengel’insindiso
Emthini waseKalvari.

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Ng’yaMthanda*—Umhl.]

203 Bekuyini leyo, ikhulu noma amashumi amahlanu na? Amashumi amahlanu? Wena onekhadi lomkhuleko lokuqala, phakamisa isandla sakho. Sukuma ume ngezinyawo zakho uma ukwazi. Ikhadi lomkhuleko lokuqala, uH. UH, wokuqala, phakamisa isandla sakho. Ikhadi lomkhuleko lokuqala, sukuma. Nguwe u. . . Nguwe umuntu, nenekazi na? UH, wokuqala, woza ngapha ngqo. UH, wesibili?

204 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “. . . zimvu ezilahlekileyo zikaIsrayeli.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

205 Manje, zingaki izizwe zabantu ezikhona emhlabeni na? Izizwe ezintathu: uHamu, uShemi, nabantu bakaJafete. Manje, lelo kwakuyiJuda, oweZizwe, nomSamariya, oyiJuda elinguhhafu noweZizwe. Niqaphelile na?

206 Bangaki owaziyo ukuthi uJesu wanika uPetru izihluthulelo ePhentekoste, ngaphambili na? Kunjalo. Wavula, izihluthulelo kuwo uMbuso, eJerusalema, kumaJuda. Ngabe kunjalo na?

207 UFiliphu wehla wase ebabhaphathiza, ezansi eSamariya. Nokho, uMoya oNgcwele wawungakaze wehlele phezu kwabo. Ngoba, uPetru wayenezihluthulelo, uyehla wayesebeka izandla zakhe phezu kwabo, base bemukela uMoya oNgcwele, amaSamariya. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

208 Enhla endlini kaKorneliyu, ubani owabizelwa enhla lapho na? UPetru.

209 Kusukela lapho, akukho lutho olushiwo ngakho. Ya. Zonke izizukulwane zazine. . . Zonke izizwe zavulelwa iVangeli: uHamu, uShemi, nabantu bakaJafete.

210 Manje, uma niqaphela, ngifuna nibhekisise. Manje, kwakukhona izigaba ezimbili zabantu, ezimbili zezizwe, zibheke uMesiya. Kwakungubani na? Futhi kwa. . . KwakuyiJuda nomSamariya. Kodwa, abeZizwe, thina, sasingama Anglo-

Saxon. Sasetshethe isagila emhlane, sikhonza izithombe. Sasingabheke Mesiya.

²¹¹ Manje, ngibambe ukunaka kwenu nje, uma ngingakwenza, ku—kuze kulunge umugqa womkhuleko, ukuze bonke balungele ukuzongena emgqeni.

²¹² Manje, sasingabheke Mesiya, ngakho akekho esamemukela. Ngakho manje-ke, kodwa, manje, kulabo ababeMbhekile, Wabonakala kubo. Manje, bangaki okukholwayo lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²¹³ Awu, manje—manje, emva kokuba sebenqabe uMesiya wabo, manje-ke, khumbulani, Waya kumaJuda. Nhloboni yesibonakaliso Ayikhombisayo na? Wayazi imfihlo yenhliziyo yabo. Manje ibandla loMthetho lathini ngaYe na? “UnguBelzabule, umbhuli.”

²¹⁴ UJesu wathi, “Ngiyanithethelela ngalokho. Kodwa ngoluny’usuku uMoya oNgwele uyofika ukwenza into efanayo, futhi, ukukhuluma umelane naWo, akusoze kwathethelelwa kulelizwe, kanjalo nasezweni elizayo.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²¹⁵ Manje bhekisisani. Wenza lesosibonakaliso phambi kwamaJuda, Wasenza kumaSamariya; kodwa neze kwabeZizwe. Ungeke uthole nolulodwa udaba lwakho. Qhabo, mnumzane. Kodwa ngaphambi kokuba Asuke... Manje, Wathi kowesifazane... Manje bhekisisani lona wesifazane, lesosifebe, simbiza kanjalo.

²¹⁶ Wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunohhafu wabashumayeli eUnited States. Kunjalo. Bahlakaniphe kakhulu. A—abanandawo kaMoya ophezu kwemvelo. Abaningi babo, umKristu okahle, abafowethu abangaphezu kwemvelo, kodwa abanye babo basalokhu beyizinkukhu.

²¹⁷ Manje-ke, uyafika khona. Nalowo wesifazane... Waphuma, wathuma abafundi baKhe, wahlala phansi lapha. Isizathu, abantu abangamaSamariya babe buka-... Bangaki owaziyo ukuthi amaSamariya ayebheke lokhu, uMesiya na? Niyakukholwa lokho na? Awu, ake nginicaphunele, uJohane oNgwele 4, manje. “Owesifazane waphuma emthonjeni, owesifazane waseSamariya. Wathi...”

²¹⁸ Manje, ngisekukho, kusukela emashumini amane kuya emashumini amahlanu, kuH. Amashumi amane kuya emashumini amahlanu, thatha indawo yakho. Kulungile. UH, amashumi amane kuya emashumini amahlanu, yilawo kuphela amakhadi omkhuleko, abathathe izindawo zabo.

²¹⁹ Manje qaphelani, ngenkathi Ephuma eya emthonjeni ngalolosuku wayesehlala phansi, nabafundi baya kongena edolobheni ukuba bayothenga ukudla. Besahambile, owesifazane obukeka ethandeka uyeza ephuma ehamba,

nembiza isekhanda lakhe. Futhi wehlisa isigwedlo, ukuba akhe amanzi. Futhi wezwa uMuntu ethi, “Ngiphuzise amanzi.” Wayesebheka ngale, wabona iJuda.

²²⁰ Wayethi akabe namashumi amathathu, kodwa umBhalo wathi Wayebukeka enamashumi amahlanu. Bangaki okwaziyo lokho na? “UnguMuntu ongakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi Uthi ubone uAbrahama na?”

Wathi, “Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA.” Kunjalo.

Ngakho bathi, “Awukevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala.”

²²¹ Futhi wayelapho, ehlezi lapho emthonjeni. Kwakukhona uJesu, ehlezi phezu kwento ethize obona kuyo nxa zonke njengale. Futhi Wathi, “Ngiphuzise amanzi.” Babenokwehlukana ngaleyonkathi, njengoba babevamise ukuba nakho eNingizimu, ikhaladi nomhlophe. Wathi . . .

²²² “Akusilo isiko kuWe, uyiJuda, ucele kimi, owesifazane, iSamarिया,” washo.

²²³ Wathi, “Sifazane . . .” Lalelani manje, enginitshela khona. Nizokugeja. “Sifazane, ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ukuba bewazi, Ubuyocela kiMi amanzi. Futhi beNgiyokunika amanzi ungezi lapha ukuzokha.”

Wathi, “Umthombo ujulile. Awunalutho lokukha.”

²²⁴ Kwase kuthi-ke ingxoxo yaqhubeka. Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe. Leyo yinto efanayo engiyenzayo khona manje kini, ngizama ukubamba ukunaka kwenu.

Wathi, “Ngiphuzise amanzi.”

²²⁵ Ingxoxo yaqhubeka Waze wathola ukuthi inkathazo yakhe yayiyini. Bangaki owaziyo ukuthi yayiyini na? Wayehlala ngokuphinga. Ngakho Wathi, “Sifazane, hamba ulande indoda yakho bese uza lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

²²⁶ Wathi, “Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale ohlalanayo ayisiyo indoda yakho.”

²²⁷ Manje, ngabe lowo wesifazane . . . phansi kwesimo sakhe, kunjengoba sicabanga. Yena, isifebe, owesifazane onegama elibi, lalelani ukuthi wayazini ngomBhalo. Akazange aMbize ngengoba kwenza abashumayeli, “UBelzabule, umbhuli, udeveli.”

²²⁸ Noma ubani uyazi ukuthi umbhuli ngokaDeveli. Ngakho yini umbhuli na? Yithonga liphendukezelwe.

²²⁹ UDeveli angedale lutho. Yena, uma engumdali, wayengazenzela izwe. Kodwa angaphendukezela lokho uNkulunkulu akudalile. Niyakuthola lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lapha, lapha, kuzwakala kunganambitheki, ezethamelini ezixubile. Indoda ingaganwa ngumfazi futhi

ihlale naye njengomfazi, nombhede kawoniwe. Isenzo esifanayo nomunye wesifazane, isiphelile, niyabo, kuphendukeyela into efanele. Niyaqonda ukuthi ngisho ukuthini na? USathane uyaphendukeyela.

²³⁰ Umbhuli ungumboni kaNkulunkulu ophendukeyelwe, waphendukeyelwa ezindaweni zikaDeveli.

²³¹ Bese kuthi-ke, qaphelani, akambizanga ngalokho. Wathi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena.” Bangaki owaziyo ukuthi wakusho lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Inqwaba eningi yokwehluka kulokho okwashiwo yilabobashumayeli. Wathi, “Ngiyabona—ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena.”

²³² Manje bhekisisani. Lalelani. “Siyazi. Thina maSamariya, siyafundiswa. Siyazi, nxa uMesiya efika, Uyokwenza lezizinto.” Ngabe lesi kwakuyisibonakaliso sikaMesiya na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kwakuyiso na? [“Amen.”] “Siyazi, ukuthi nxa uMesiya efika, Uyokwenza lezizinto. Kodwa Wena unguBani na?”

UJesu wathi, “NginguYe mina okhuluma kuwe.”

²³³ Wagijimela emzini, wayesetshela amadoda, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela izinto engizenzile. Kungebe nguMesiya lona impela na?”

²³⁴ Kodwa akazange Akwenze kwabeZizwe. Kodwa ngabe Wethembisa kwabeZizwe na? Ngani, sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokuqeqeshwa, njengoba nje amaJuda namaSamariya ayenayo, yokuqeqeshwa, bebheke uMesiya.

²³⁵ Manje, uJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, eSodoma, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.”

²³⁶ Manje bhekisisani. Ngezinsuku zaseSodoma, babenemvuselelo nezihlakaniphi, noLoti. UBilly Graham wesimodeni wehlela lapho futhi washumayela iVangeli, wabaphuphuthekisa. Kodwa bhekisisani ukuthi i . . .

²³⁷ UAbrahama wayeyiBandla, elikhethiwe, lasephentekoste, elibizelwe ngaphandle, lehlukaniwa nezinto zezwe.

²³⁸ Manje, kukhona owephentekoste ebandleni leMethodisti. Kukhona abasephentekoste ebandleni leBaptisti. Abasephentekoste akusilo ihlelo. Yisehlakalo wonke umuntu angaba naso, osifunayo. IPentecostal yehlelo ayinagunya lokuzikhethela kuqala kwilutho lwesiBusiso sasephentekoste, uma iKatolika lingaba naso. Ungowephentekoste ngoba unesiBusiso sasephentekoste enhliziyweni yakho.

²³⁹ Ngakho, uAbrahama wayengobizelwe ngaphandle, naleNgelosi yayihlale enhla lapho noAbrahama. Futhi emva kokuba iNgelosi isihambile. . . WaYibiza ngokuthi, “Nkosi.” Elohim. Bangaki owaziyo ukuthi uElohim wayenguJehova

uNkulunkulu omkhulu na? Impela. INkosi uNkulunkulu, futhi Wahlala Efulathele ithende. Bhekisisani ukuthi Wathini kuAbrahama. Manje, Uyisihambi, engakaze abe lapho ngaphambili. Wathi, “Abrahama, uphi umkakho, uSara na?”

²⁴⁰ Wayazi kanjani ukuthi wayenomfazi na? Futhi Wayazi kanjani ukuthi igama lakhe kwakunguSara na? Manje, iBhayibheli lathi uAbrahama waMtshela ukuthi wayesethendeni, emva kwaKhe; ethendeni, emva kwaKhe.

²⁴¹ Wathi, “Abrahama, Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila, ukuthi Ngakwethembisa lomntwana. Ngizokupha yena.” NoSara, engaphumiseli, kodwa wahleka phakathi kwakhe.

²⁴² NeNgelosi, Ifulathele ithende, yathi, “Uhlekeleni uSara na?” Niyakubona lokho na? UJesu wathi lokho kuyokwenzeka phakathi kwabeZizwe, ngaphambi nje kwesikhathi sokuphela, uMesiya uyokwehla qathatha esimweni sikaMoya oNgcwele.

²⁴³ Kwakuyini into yokuqala uMesiya aqala ukuyenza ngenkathi Ebhaphathizwa eJordani, ngoMoya oNgcwele, Wenzani na? Waqala ukuphilisa abagulayo.

²⁴⁴ Sasiyini isibonakaliso saKhe sokugcina, nesibonakaliso saKhe ngaphambi kokuba Aphenduke asuke kubo na? Lesosibonakaliso khona lapho.

²⁴⁵ Yalathani imvuselelo yasephentekoste na? Ukuphilisa abagulayo, izimangaliso nezibonakaliso.

²⁴⁶ Yini into yokugcina na? Nansi. Bangaki laphaya ogulayo futhi engenalo ikhadi lomkhuleko na? Phakamisa isandla sakho. Yiba nokukholwa futhi ukholwe. Omunye uthi, “Uthini ngakho, Mfowethu Branham na?” LowoMoya kaNkulunkulu, Lowo Owenza isithembiso, angehluleke ngesithembiso. Nina eningenawo amakhadi omkhuleko, ngiyanifulathela. Khulekani. Futhi uma uNkulunkulu eba nguNkulunkulu, uma impendulo yaKhe iqinisile, futhi ngintshele iQiniso kulamaviki, ukuthi lesi yisibonakaliso sokubonakala kwaKhe osekusondele.

²⁴⁷ Noma yimuphi ophucukile, umqondo ophilayo uyazi ukuthi sisekupheleni kwento ethize. Impucuko ingeke isama kade. Iyaphothana nje futhi iyazamazama. Ilindeleni na? Indlela yayo—yayo seyedlulelwe yisikhathi. “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa,” ukubekezela. Yisikhathi eseqile esizungeziwe, ngenxa yabaKhethiweyo. Seyedlule kude, kodwa uNkulunkulu ulindele iBanda laKhe ukuba lime ngomumo. Ulindele kuwe nami.

Kwangathi Angapha isibusiso. Khulekani.

²⁴⁸ Ngenkathi owesifazane ethinta umphetho wengubo yaKhe. Abanye benu besifazane laphaya manje, lokhu makufane nendaba yeBhayibheli. Abanye benu besifazane okholwayo manje, futhi kholwa ukuthi unokukholwa okwenele

ukuba umkholwe uNkulunkulu, kholwa ukuthi noma yini uNkulunkulu ayishilo iqinisile. Futhi kwakukhona owesifazane omncane owathinta umphetho wengubo yaKhe. Futhi ngenkathi ethinta ingubo yaKhe, Waphenduka, wathi, “Ubani oNgithintile na? Ubani oNgithintile na?”

²⁴⁹ Futhi bonke bakuphika. Bathi, “Awu, wonke umuntu uyaKuthinta.” UPetru waMkhuza, wathi, “Wonke umuntu uyaKuthinta. Ukusholoni lokho kanjalo na?”

²⁵⁰ Wathi, “Kodwa Ngiyabona ukuthi Ngiphele amandla.” Lokho ngukuhunyushwa okukahle. “Kuphumile amandla kiMi.” Futhi *amandla* “ukuqina.” Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Kuphumile amandla kiMi.”

²⁵¹ Futhi Waqalaza, phezu kwesixuku, Waze wamthola owesifazane omncane. Futhi Wamtshele ukuthi umopho wakhe wase unqamukile, ngoba ukukholwa kwakhe kwakumphilisile. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁵² IBhayibheli lasho, ukuthi, “Khona manje UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Niya, abasha, zifiki, niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁵³ Manje, khumbulani, ukuphiliswa! Ukuba Ubemi lapha egqoke lesudu, Angipha yona, Ubengeke akuphilise. Uma uza lapha emsamo, “Nkosi, Uzongiphilisa na?” uyazi ukuthi Ubengathini kuwe na? “Sengivele Ngikwenzile lokho. Ngalinyazwa ngenxa yeziphambeko zenu. Ngemivimbo yaMi niphilisiwe.” Insindiso nokuphilisa kungumkhiqizo osuqediwe. Ngukukholwa kwakho ukuba ukwemukele.

²⁵⁴ Manje, Ubeyokwenza into efanayo ukufakazisa ukuthi WayenguMesiya. Manje, lezizinto azifakazisi ukuthi ngiyinoma yimuphi uMesiya. Ngiyisoni esisindiswe ngomusa. Futhi akunandaba noma uNkulunkulu ubengangicoba kangakanani, Ufanele agcobe wena, futhi. Ngeke nje kusebenze ngami. Kuthatha wena, ukukwenza kusebenze. Akunandaba ukuthi uMoya oNgcwele ungafika kangakanani phezu kwami, Ufanele ube phezu kwakho, futhi. Kodwa uma “EngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu,” neBhayibheli lathi, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade,” khona-ke Uyokwenza ngokufanayo. Ulapha, kithi. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Manje, wonke umuntu, hlala esihlalweni sakho, hlonipha, khuleka.

²⁵⁵ Futhi kwangathi iNkosi uNkulunkulu angapha lokho. Nje, Nkosi, siza. Lababantu abathandekayo...Ngi...Nkosi, Uyayazi inhloso yami yokuba ngibe lapha. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzobenza babone, uma bengasaphindi futhi, bazise ukuthi ukuFika kweNkosi sekuseduze. Bazise ukuthi lemiLayezo enesihluku, okubonakala kanjalo, ibanyakazisa, kungesikho ukuzenza isihlakaniphi, kungabi siyo eyami...kimi

uqobo. Kodwa ngoba Ukugcobile, futhi washo njalo. Kufakazise, Nkosi. Ngikhulumele Wena. Khulumela mina, Nkosi, ukuthi amazwi ami aqinisile, ngoba avela kuWe. Ngicela eGameni likaJesu. Amen.

Kwemukeleni ukubizwa kwenu. Ningalugeji usuku lwenu.

²⁵⁶ Bangaki kulomugqa womkhuleko oyizihambi kimi na? Phakamisa isandla sakho, nonke nina oyizihambi. Nonke nina olaphaya, izihambi, phakamisani izandla zenu.

²⁵⁷ Angazi-muntu kuphela uGene Goad ohlezi lapha. UPat Tyler khona lapho. Yilabo kuphela engibabonayo. Indodana yami imi emuva lapho, yiyona kuphela engiyaziyo.

²⁵⁸ Lowo wesifazane ohlezi lapho ecikica amehlo akhe, ofake isigqoko esibomvu, ohlezi khona lapho. Uyakholwa ukuthi uJesu ukuzwile ngenkathi uMcela ukuba aphilise lokho kuphathwa yikhanda kokucinana emankankeni na? Uyakholwa ukuthi Ukuzwile na? Ubukhuleka ngakho, ubungakhuleki na? Uma lokho kuqinisile, sukuma ume ngezinyawo zakho. Uma lelo kuyiQiniso, phakamisa isandla sakho. Uma ngingakwazi, nawe ungangazi, phakamisa esinye isandla, zombili izandla. [Udade uthi, “Ngike ngakubona ngaphambilini.”—Umhl.] Mem? [“Ngike ngaba sezimvuselelweni, ngaphambilini.”] Uke waba sezimvuselelweni zami, ngaphambili. Kodwa, ngiqonde ukuthi, angikwazi. [“Qhobo.”] Qhobo. Kulungile. Kulungile. Manje sekunqamukile. Usungaya ekhaya futhi uphile.

²⁵⁹ Ngifuna ukubuza nina bantu into ethize. Uthinteni lowo wesifazane na? Nasi isandla sami, angikhumbuli neze nge... Uke waba semhlanganweni. Manje wena ubuzothi, “Uthini ngomunye umuntu ophezulu lapho ezitezi ezingaphezulu, phansi *lapha*, mhlawumbe emhlanganweni ngesinye isikhathi ngaphambili na?” Bengingeke ngazi ukuthi ubungubani. Into kuphela engiyaziyo, ukuthi nje ni...ubulapha nje emhlanganweni. Futhi nango. Uthinte Into ethize. Futhi yini e... .

²⁶⁰ Ngithe, esikhashaneni esedlule, leyoNsika yoMlilo. AniYiboni na? Bangaki onesithombe saYo manje na? Banaso lapha emhlanganweni. Manje, Kubukeka njengeNsika yoMlilo. Akubukeki na? Futhi manje, ukuphila kwaYo, Ivezani na? Okufanayo. Hhayi mina, manje. Yona, Ivezani na? Imisebenzi efanayo Eyayenza ngenkathi IseNdodaneni kaNkulunkulu. Manje Isemadodaneni namadodakazi kaNkulunkulu enziwe abantwana, ngomusa weNdodana kaNkulunkulu yeqiniso.

²⁶¹ Khona lapho, mnumzane. Futhi ukwedlula kuleyonkathazo yenhliziyi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, uhlezi khona lapho na? Ububuka, umangala, futhi kwathi khona manjalo ube nokuzwa okuncane okuxakile kwehlela kuwe. Kunjalo. Angikwazi. Ngiyakwazi na? Awungazi nami angikwazi. Uma lokho kuqinisile, phakamisa isandla sakho. Uyakholwa

ukuthi inkathazo yenhliziyo yakho isiphelile na? Vayizela ngesandla sakho. Kulungile, khona-ke isiphelile. Uyabo?

Niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁶² Nanti inenekazi lihlezi lithe qekelele khona phakathi *lapha*. Anikuboni lokho kuKhanya phezu kwalowo wesifazane na? Unenkathazo yenyongo. Izosuka kulo. (Nkulunkulu, siza.) Nkosazana Small, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa kuleyokathazo yenyongo na? [Udade uthi, “Amen.”—Umhl.] Manje-ke yima ngezinyawo zakho. Ube nokukholwa okuningi kakhulu kunocabange ukuthi ubunakho. Angimazi owesifazane. Lowo bekungumusa kaNkulunkulu. Uma siyizihambi, vayizelisa izandla zakho *kanje*, nenekazi. Lapho. Angikwazi. Kodwa Akutshela khona, ngabe kuyiQiniso, (phakamisa isandla sakho), Akushilo na? Kulungile. Manje-ke yiba nokukholwa, futhi uye ekhaya futhi uphile.

Uma ungakholwa!

²⁶³ Lelinenekazi elihlezi khona lapha, linenkathazo yesisu, kokwesisu. Yebo, Effie, nguye engikhuluma ngaye. Sukuma, Effie. Bekuyinkathazo yakho leyo na? [Udade uthi, “Qiniso.”—Umhl.] Angikwazi. Uma lokho kuqinisile, phakamisa izandla zakho. Angikaze ngikubone empilweni yami. UNkulunkulu eZulwini uyakwazi lokho. Hamba uye ekhaya. Sekuphelile. UNkulunkulu akubusise.

²⁶⁴ Uma ufela ezonweni zakho, ngeke kube yiphutha likaNkulunkulu. Ungahle wethembeke kakhulu njalo njalo ebandleni, kodwa isoni ngongakholwayo. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Kulungile.

²⁶⁵ Manje, lababantu lapha, lona ngumugqa womkhuleko, ukuba kubekwe izandla phezu kwabagulayo. Nizokukholwa, kungakhathaleki ukuthi yini na? Manje, lowo ngabantu abangenawo amakhadi omkhuleko, lapho okukhona khona umugqa wokubona okufihlakeleyo, laphaya ngaphandle kwekhadi lomkhuleko. Manje, nonke qalani nikhholwe.

²⁶⁶ Ningayaluzi. Niyabo? Ngamunye wenu ungumoya. Niyabo? Ngamunye wenu ungumoya. Benikwazi lokho na? Bebengeke, benizofa. Ngakho, ngumoya wakho engikhuluma ngawo, hhayi wena. Ngumoya wakho.

²⁶⁷ Woza lapha, nenekazi. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? [Udade uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Siyizihambi omunye komunye. [“Yebo, mnumzane.”] Asazani. Uma lokho kuqinisile, ukuze izethameli, phezulu esitezi, ziqonde, phakamisa isandla sakho nje, uma siyizihambi, singakaze sibonane. Nakhu okubonisa nxa zonke. Kungukuthi owokuqala emgqeni kube ngowesifazane, nangu uJohane oNgewele 4, owesilisa nowesifazane, uyabonana, okokuqala empilweni. Uma lo kunguMoya kaKristu lapha phakathi kwethu, manje-ke Uzosebenza imisebenzi kaKristu.

268 Sizani ningayaluzi. Manje, nje nona i—i...Ni—nilamaza abanye. Niyabo? Nginokunilawula nonke. Ngizama ukunisiza. Thulani ngempela futhi nihloniphe. Kulungile.

269 Uma iNkosi uNkulunkulu izongitshela okuthize ngawe... Uma ngenyukela lapha... Mhlampe uyagula. Ungahle ungaguli, kodwa uma—uma ugula, futhi ngiza lapha futhi ngabeka izandla zami nje phezu kwakho, ngathi, “Uzophila, nenekazi,” ubungakukholwa lokho. Isizathu, lokho—lokho kuqinisile. Kodwa uma uMoya oNgewele ume lapha futhi... .

270 Ukuba—ukuba lena bekuyiNkosi uJesu egqoke lesudu, emi lapha, futhi uthi, “Ngiphilise. Ngiphilise, Nkosi na?” Ubezothi, “Sengivele ngikwenzile.” Kodwa Ubezokwenza kanjalo into Ayenza ngenkathi Esemuva lapho ngaphambili, njengoba Enza kowesifazane emthonjeni, ukukwazisa ukuthi lowo Ungubani. Wamazisa kanjani na? Ngokumtshela into eyayisempilweni yakhe. Ngabe kunjalo, zethameli na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Nonke nina zifiki na? Ubezomtshela into ebisenhliziyweni yakhe.

271 Manje uma Ubezosho into esempilweni yakho, njengoba Enza kuSimoni Petru, noma njengoba Enza komunye umuntu eBhayibhelini, indlela Enza ngayo, khona-ke lokho bekuzokunika inqwaba yokukholwa.

272 Ngabe bekunganinika nonke ukukholwa, ukuba nikholwe na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

273 Manje, nakhu, awu, hhayi ngemva kwamakhethini athize amnyama, hhayi ukuhlupha okuthize kukadeveli, kodwa khona lapha emsamo nani, kuphuma emaZwini eBhayibheli. Kungahle kube ngukucasula okuncane esayenseni yezenkolo, kodwa ngumBhalo ngokufanayo nje. Niyabo?

274 Ukuba bengingakusiza, futhi ngeke ngakwenza, bengizoba ngumkhohlisi. Bengingefanele ukuma lapha eceleni kwaleliBhayibheli, ukuba bengingakusiza futhi ngingekusize. Ngeke ngakusiza. Into kuphela engingayenza ukukwenza uqonde into ethize, ukuthi uKristu ulapha ukuba akuphilise, akusindise uma ugula.

275 Uyagula. Uhlushwa isifo samanenekazi. Yinkathazo yabesifazane. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kunjalo. Uma lokho kuqinisile, phakamisa isandla sakho.

276 Ukuze uzo...uzokwazi ukuthi angiqageli. Umzuzu nje. Beka into ethize enhliziyweni yakho, bese nje uzithandazela, enhliziyweni yakho, nganoma yini ofuna uNkulunkulu ayenze. Ya. Unayo into ethize enhliziyweni yakho khona manje? Ngumyeni wakho. [Udade uthi, “Amen.”—Umhl.] Ngumyeni wakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile kuye na? [“Yebo, mnumzane.”] Kuyinto engalungile ebuchosheni. [“Yebo, mnumzane.”] Kubizwa ngokuthi, njengokuba l’khuni komthambo ebuchosheni. [“Yebo,

mnumzane.”] Yiqiniso lelo. [“Kuyilokho.”] Kunjalo. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi ungubani, ngabe kuzokwenza ube nenqwaba yokukholwa na? Uyakukholwa, ngayo yonke inhliziyi yakho na? [“Yebo, mnumzane.”] Nancy Gillespie, hamba uye ekhaya, uJesu Kristu ukuphilisile nomyeni wakho, futhi uyanisindisa. [“O, haleluya!”] Thatha leloduku uliyise kuye. Lelo yiqiniso. Akusilo na? [“Yebo.”] Kulungile. Hamba ngendlela yakho.

²⁷⁷ Manje niyamkholwa uNkulunkulu na? [Ibandla, “Amen.”—Umhl.] Yibani nokukholwa nje. Ningangabazi.

²⁷⁸ Manje ngizocela lelibandla elikhulu lapha uma nizokhulekela kanye nami lababantu. Lowo ngumama womunye umuntu, ubaba womunye umuntu, isithandwa somunye umuntu, umyeni womunye umuntu. Khulekani.

²⁷⁹ Ningalokhu niyaluza, ngiyacela. Nivele nje. . . Nona umhlangano nje. Thulani impela nithi du futhi nikhuleke. Sizophuma emizuzwini eyishumi uma nje nizocgina-nje nizohlonipha.

²⁸⁰ Woza, nenekazi. Uma ngingasho-zwi, futhi nje nginikhulekele, niyakukholwa na?

Nkosi Jesu, ngikhulekela ukuthi Uzoliphilisa, eGameni likaJesu.

Woza, mfowethu. Kholwa ngenhliziyi yakho yonke.

²⁸¹ Baba wethu waseZulwini, eGameni likaJesu Kristu msindise. Amen.

²⁸² UNkulunkulu akubusise, mfowethu. [Umfowethu uthi, “Umkami ulapha, unokuningi kakhulu. . . ? . . .”—Umhl.] Kulungile, mnumzane. Lokho akwenzi nomncinyane umehluko, mnumzane. Qhabo. Kulungile. Ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe, kodwa asikho isidingo sokukutshela. Lokho, kungakusiza ukuba bengikutshelile na? [“Qha.] Kungeke kwakusiza. Kulungile. Kodwa, empeleni, inkathazo yenhliziyi yakho isukile kuwe ngenkathi usuka lapho. Ngakho nje hamba ngendlela yakho, ujabula, uthi, “NgiyaKubonga, Baba.”

Woza, mnumzane.

²⁸³ EGameni leNkosi uJesu, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa. Amen.

Kholwa manje.

²⁸⁴ Yiba nokukholwa manje, dade. Woza, njengakho konke lokhu. . . Bukani, kukhona cishe abantu abayizinkulungwane ezintathu lapha abakukhulekelayo manje.

EGameni likaJesu, kwangathi angaphiliswa. Siphe khona, Baba.

²⁸⁵ Woza. Mnumzane, isifo samathambo sizokuthola, ngoluny’usuku, uma ungenakho ukukholwa manje.

Uyakukholwa manje na? Manje-ke hamba futhi uphiliswe, eGameni likaJesu Kristu.

Woza.

²⁸⁶ Baba Nkulunkulu, eGameni leNkosi uJesu, philisa udadewethu. Amen.

Woza, ukholwa manje.

Wonke umuntu akakholve futhi akhuleke.

²⁸⁷ Baba waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa, eGameni likaJesu. Amen.

²⁸⁸ Woza. Manje, mfowethu, ukuba besinemibono yawo wonke umuntu, bekuzovele nje...nina...Bebezongithwala bangisuse emsamu; niyabo, bengizokwehla. Kodwa ukuze wazi, qhubeka udle ukudla kwakho kwakusihlwa kulobubusuku. Kuzonambitheka kamnandi ngempela. Inkathazo yesisu isisukile kuwe. Uyabo? Hamba udle. Kulungile.

Woza, dadewethu.

²⁸⁹ Ngenza lokho ngenxa yenhloso, ngizintshinga mina, bangane. Isizathu imibono...Bangaki owaziyo ukuthi uJesu wathi, "Kuphumile amandla kiMi"? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nginjalo, khona manje, angisenamandla nje ngempela, ngempela.

²⁹⁰ O Baba, ngikhulekela ukuthi Uzophilisa udadewethu. EGameni likaJesu, siphe.

²⁹¹ Woza, dade othandekayo. Ungangabazi manje. Woza, ukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

²⁹² O Nkosi, eGameni likaKristu, philisa udadewethu. Muphe ukunqoba, Nkosi.

²⁹³ Woza, dadewethu. IBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

EGameni likaJesu, kwangathi angaphiliswa. Amen.

²⁹⁴ Ya. Woza, dade. Inkathazo yeqolo lakho isukile kuwe, ngakho unghamba ngendlela yakho, ujabula.

²⁹⁵ Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Ngani, ngani? Lalelani. Ngifuna ukunibuza. Lalelani, bangani. Ngenkathi labobantu beza ngapha...IBhayibheli, Lithi, "Babeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda," kufana impela nje njengokubatshele. Anikukholwa Lokho na? ["Amen."] Impela, kholwani.

²⁹⁶ Buka lapha, mnumzane. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Manje, kukhona owesifazane engimmissile esikhashaneni esedlule; wena ungowesilisa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini izinkathazo zakho na? [Umfowethu uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Futhi—futhi akusindise na? ["Nginezinto cishe ezine noma ezinhlanu

ezingalungile lapha.”] Yebo, mnumzane. Awu, wena, inkathazo yakho yesisu yinto eyodwa ekuhluphayo, kancanyana. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. Nendlala engasesinyeni sakho. [“Kunjalo.”] Yebo, mnumzane. Ngoba, izindlala zakho zikwenza uguliswe yimizwa, futhi yilokho okukugulisayo. Kunjalo impela. Uyacabanga ukuthi umkakho ubengasinda, naye, uma uzokholwa na? Kulungile. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, khona-ke umkakho angaphiliswa. [“Uyagula.”] Ya. Ukuguliswa yimizwa, nokugula, nokuphela amandla, nezinto. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho manje, ukuthi uzophiliswa na? Hamba ngendlela yakho futhi uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu othandekayo,” futhi uzosinda, naye.

²⁹⁷ Nkosi Jesu, ngikhulekela ukuthi Uzokuphilisa lokhu, O Nkosi, futhi ukwenze kanjalo ukuba okwakhe... Inkazimulo kaNkulunkulu izokwehlela phezu kwakhe, futhi uzophiliswa. eGameni likaJesu Kristu. Amen.

²⁹⁸ [Umfowethu uqala ukukhuluma ngolunye ulimi—Umhl.] Manje hamba, ukholwa, Mnu. Dodd, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho, futhi usinde. Kulungile.

Woza, mnumzane.

²⁹⁹ Baba waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzophilisa umfowethu futhi umsindise, eGameni likaJesu.

Woza, dade, othandekayo. Mkholwe ngayo yonke inhliziyi yakho manje.

³⁰⁰ O Nkulunkulu, Baba wethu, ngikhulekela ukuthi Uzomsindisa, eGameni likaJesu.

³⁰¹ Woza, mfowethu, letha umntwana. Ungangabazi manje. Mlethe nje impela uze naye, sengathi wawuza phansi kwesiphambano ngqo.

Nkosi, ngiyababusisa eGameni likaJesu. Amen.

Woza, dade. Woza, ukholwa manje ngayo yonke inhliziyi yakho.

Baba, eGameni likaJesu, ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa. Amen.

³⁰² Kholwa manje futhi uhloniphe ngempela. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

³⁰³ eGameni leNkosi uJesu, kwangathi angaphiliswa, Nkosi. Amen.

³⁰⁴ Woza, dade, ukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho. Ukholwa ukuthi izosinda manje futhi ibone nakho konke.

³⁰⁵ O Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzoyiphilisa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

³⁰⁶ Ngobunye ubusuku, ngikhulekela umfanyana, cishe oneshumi nanhlanu, iminyaka eyishumi nesithupha ubudala.

Wedlula, umfo omncane; ukukholwa okukhulu. Ngambuka. Ngathi, “Kusobala, uyazi, ndodana.” Futhi—futhi ngakho waqhubeka wapuma, waphamba wehlela lapho ngqo. Nomfanyana, ezalwe eyimpumputhe, wabona, futhi wabuye wamemeza kakhulu, “O, Mfowethu Branham, sengiyabona.”

³⁰⁷ Nakhu kulele, phakathi lapha, intambo evela enganeni, ingane ekhanda-linamanzi. Ishwabene kwaphakama *kangaka*, ngobunye ubusuku, yedlula nje. Izinto ziyenzeka. Nifanele nikholwe, nokho. Niyabo? Anisizo izinkukhu. Niyizinkozi.

Woza.

³⁰⁸ EGameni likaJesu, Nkosi, kwangathi bangaphiliswa kwenzelwe inkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

Woza, ukholwa, unokukholwa.

³⁰⁹ Uyazi, enye into ethize...Niyazi ukuthi ngicabangani, bangani na? Mina, anginjalo, angibathethisi abantu, kodwa ngifuna nazi into eyodwa. Sinetelevishini eningi kakhulu ezimpilweni zethu. Sifuna umbungazo. Asi...UNkulunkulu akabonisi lezizinto ukuba anibungaze. Ufuna niqonde uBukhona baKhe. Lezozinto zingenzeka kuwo wonke umuntu, kodwa kucishe kubulale; o, ngeke ngawuqeda umugqa.

³¹⁰ Lapha, woza lapha, nenekazi. Wena nami siyizihambi komunye nomunye. Ucabanga ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? [Udade uthi, “Ehhe.”—Umhl.] Kunga—kungakusiza na?

³¹¹ Kunganisiza nonke uma—uma uNkulunkulu esho into ethize manje kulona wesifazane na?

³¹² Yindlebe yakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyisindisa na? [Udade uthi, “Awu, ngiyabonga Nkulunkulu! Yebo.”—Umhl.] Wesaba ukuthi ngumdlavuza. Futhi kusendlebeni yakho yangakwesokunxele. Ngabe kunjalo. [“Kunjalo.”] Awu, bekunjalo, kodwa akusenjalo manje. Manje, buka. Uyamkholwa uNkulunkulu? [“Ngiyakholwa.”] Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi ungubani, ngabe kuzokusiza na? Kulungile, Ruby Thompson, hamba uye ekhaya futhi usindiswe, eGameni likaJesu Kristu. Uyabo? Yiba nokukholwa.

³¹³ Woza manje. Ungangabazi. UNkulunkulu angangitshela inkathazo yakho. Ubungacabanga ukuthi bekungakusiza na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Manje-ke, isifo sikashukela. [“Yebo.”] Isifo senhliziyo. Hamba ngendlela yakho futhi usindiswe, futhi ukholwe nguNkulunkulu. [“...?...”] Yebo. [“...?...”] Lokho nje ngubudala beminyaka buza kuwe. Manje, hamba nje, ukholwa.

³¹⁴ O Nkosi, ngikhulekela ukuthi uzophilisa umfowethu futhi umsindise. Amen. Nkulunkulu, siphe khona.

Woza, dade othandekayo.

EGameni leNkosi uJesu, kwangathi angaphiliswa. Amen.

Ngcela izibusiso zikaNkulunkulu, kungehluleka kanjani na?

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kunganjalo, Nkosi. Amen.

Woza, mfowethu.

315 EGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphiliswa. Amen.

316 Woza, mfowethu othandekayo. UNkulunkulu akubusise. Khuphula umama ngqo. Awu, woza, dade.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi ungaphiliswa.

Woza.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi udadewethu angaphiliswa manje.

317 Ya. Kholwa manje. Into efanayo izokwenzeka phansi lapho, uma ungeke ungabaze.

318 O Nkulunkulu, busisa lo ohluphekayo, umfowethu othandekayo. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzomphilisa futhi umsindise. Futhi kwenze kufezeke ukuthi uzobona futhi asindiswe, eGameni likaJesu. Amen.

319 Yiba nokukholwa manje. Ungangabazi. Angikwazi ukuphilisa. Ulapha nje. Ungumphilisi. Ungangabazi. Fana nempumputhe uBartimewu, yiba ulokhu ufuna izandla zakho.

320 EGameni likaJesu Kristu, kwangathi lodade angaphiliswa. Kulungile.

Woza, dade, othandekayo.

Ngabe niyakholwa, wonke umuntu na? Impela . . .

321 Kukhona okwenzekile. Umzuzu nje. Lowomfo ohlezi lapho, unesifuba somoya, mnumzane. Kunjalo. Ubukhuleka. Uguqukile, ukuba uthi, “Akumangalisi yini lokho na?” Ngizokutshela enye into. Bakhitha cishe okubili kokuthathu kwesisu sakho, ngenxa yenkathazo yesisu. Kunjalo. Akunjalo na? Uma lokho kuqinisele, vayizelisa isandla sakho. Futhi siyizihambi komunye nomunye. UJesu Kristu ukuphilisile. Ukukholwa kwakho kukusindisile. Hamba ngendlela yakho, ujabula.

O, ungangabazi. Kholwa.

322 Kulungile, nenekazi. Linda umzuzu. Manje, awukho lapha ngesingawe. [Udade uthi, “Qhabo.”—Umhl.] Ulapha ngomunye umuntu. [“Yebo.”] Kunjalo. Futhi umfowenu akekho lapha. [“Qhabo.”] Umfowenu akekho ngisho nakulesisifundazwe. [“Qhabo.”] UseSt. Louis. [“Kunjalo.”] Usesibhedlela. [“Amen.”] Uphethwe yisifo senhliziyo. [“Kunjalo.”] Futhi u, kade engumfundisi. [“Amen.”] Futhi wena ucabange ukuthi uma

331 Wonke umuntu ohlushwa yinkathazo yokugula kwemizwa, nenso, yimani ngezinyawo zenu. Sukumani nime ngezinyawo zenu, wonke umuntu onakho.

332 Hambani, nikholwa manje. Yibani nokukholwa. Niyabo? Yimani phansi ngqo *lapho*.

333 O Nkosi Nkulunkulu, ngiyakhuleka kuWe ukuba ube nesihawu phezu komfowethu, nokumsindisa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Yiba nokukholwa. Uyakholwa manje, dade othandekayo na?

334 eGameni leNkosi uJesu, kwangathi angaphiliswa, Baba, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

Kukhona into eyenzekayo.

335 Ngabe yilokho kuphela okwakho, Billy na? [UMfowethu Billy Paul Branham uthi, “Kusenomunye oyedwa.”—Umhl.] Ya. Ya.

336 Woza lapha, mnumzane. Siyizihambi omunye komunye na? [Umfowethu uthi, “Impela.”—Umhl.] UNkulunkulu usazi sobabili, Akasazi na? [“Impela.”]

337 O, kwenzeka nje ndawo zonke. Khumbulani, bashumayeli, bazalwane bami, bafowethu bami abayizinkozi ezingamagugu, uma sengihambile lapha, amaviki, uzothola ibandla lakho lifakaza ngokuphiliswa. Bayaphiliswa, kodwa abakwazi. Niyabo? Niyabo? Kuyenzeka nje ndawo zonke. Yingani besingenalo loluhlobo lokukholwa kwase kuqaleni nje, bangani na? Yilokhu.

338 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakusiza na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? [Umfowethu uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Unezinhlungu zekhanda ezinzima. Unamalumbo enzululwane. Kubangelwa yisimila entanyeni. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyazi ukuthi ungubani na? [“Ngiyakholwa.”] Ungumfundisi. [“Yebo, mnumzane.”] Igama lakho unguMfu. Jack Cole. [“Yebo, mnumzane.”] Kunjalo impela. Hamba, ukholwe, mnumzane.

339 Nonke, eninamalumbo enzululwane noma onezinhlungu zekhanda, yimani ngezinyawo zenu. Wonke umuntu, ogulayo, yimani ngezinyawo zenu.

340 O, Nkulunkulu! Bekungenzekani ukuba nje bekuzokwenzeka! Bekungenzekani! Niyakukholwa na? [Ibandla liyajabula futhi lithi, “Amen.”—Umhl.] Mangaki amakholwa alapha, akholisekile ukuthi lento nguMoya oNgcwele na? Phakamisa isandla sakho. Angikwazi ukwenza lezozinto. Ningamakholwa na?

341 Beka izandla zakho phezu komunye nomunye bese ucela ukuba uDeveli asuke kumuntu obeke izandla zakho phezu

kwakho. Umkhuleko wakho uyafana nje nowami ne. Beka izandla zakho phezu, phezu komunye nomunye. Kunjalo.

Nenekazi, phezulu *lapho*, ixhwala lisukile kuwe ngaleyonkathi.


³⁴² Inkathazo yezindlala zasesinyeni isukile kuwe, mfowethu. Ungazehlisa izandla zakho bese umemeza izindumiso.

³⁴³ ITB, nalelonenekazi elincane elimi khona lapho, ayisekho. Khohlwa yiyo. UJesu Kristu uyakusindisa.

Yikho lokhu, bangani. Asinike uNkulunkulu udumo.

O Nkosi, Ulapha.

³⁴⁴ Ngiyamlahla uDeveli, kuyo yonke imisebenzi yakhe. Ngilahla wonke umoya omubi. Sathane, uyadalulwa. Uyakhuzwa, eGameni likaJesu Kristu. Ngiyakuyala, ngoNkulunkulu ophilayo, phuma kulezizethameli. Ungeke wabenza bangabaze, esinye isikhathi eside. UMoya oNgcwele Uzenze waba yiwo ngempela phambi kwabo. Ungeke wabenza bangabaze, nhlobo. Babeke izandla phezu komunye nomunye. UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Sathane, ulahlekile.

³⁴⁵ Jesu, Uyawina. UnguNkulunkulu waseZulwini. Kwangathi amandla okugula namandla kaDeveli angephulwa, phezu kwalababantu, eGameni likaJesu Kristu. 

NJENGOKHOZI LUHLAKAZA ZUL60-0403
(As The Eagle Stirreth)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ntambama, ngo Apreli 3, 1960, eHholo likaMasipala eTulsa, eOklahoma, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2013 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org